

# *UKUKHETHWA KOMLOBOKAZI*

 Izinqwaba zabantu abagulayo. Angikwazi ukufinyelela kubo bonke ngesikhathi esisodwa. Kodwa, lalelani.

<sup>2</sup> Ngijabula ngempela ukuba ngibe lapha futhi, kulobubusuku, kulelihholo elihle, phakathi kwaleliqembu labantu abamangalisayo. Futhi besingena, phandle lapho, emizuzwaneni embalwa edlule, abantu bemi phandle emgwaqeni bathi abakwazanga ukungena. Futhi ngathi, “Awu, mhlawumbe nginganitholela indawo.” Futhi ababavumelanga behle. Ngakho ngiyaxolisa asinayo indawo eyenele yabo. Bathe indlu engaphansi ibigcwele, nayo. Futhi ngakho siyaxolisa ngalokho. Kodwa siyajabula ukuba lapha, futhi siyajabula ukubona lonke leliqembu elinomoya omuhle labefundisi, osomabhizinisi lapha, nani nonke zithunywa ezivela ezingxenjeni ezechlukene zezew.

<sup>3</sup> Ngibe nenhlanhla enhle kakhlulu yokukhuluma kulokhu ukusa ekudleni kwasekuseni, ngempela engikuthatha njengegugu lokuhlonishwa ukukhuluma phambi kwabantu abanomoya omuhle kangaka. Bengisendabeni ethi: *IKhoba Ngeke Lalidla Ifa Kanye NoKolo*. Angitholanga ukuluqedwa. Futhi akubanga yi—yiphutha lomfowethu. Uzamile ukuthola abaphathi ukuba basihlalise isikhathi esithe xaxa kancane, kodwa nje akakwazanga ukukwenza. Ngikuthakasela ngempela lokho, Mfowethu Demos. Lokho kuhle ngempela, ngempela. Ngikubonga ngempela ngomusa wakho, nonke ngothi lwenu. Kodwa nje abasivumelanga sikhwenze. Ngakho sidingeke ukuba nje si—sivale ngci. Ngizowucosha lowo, ngesinye isikhathi esithize, ukuwuqedela lowo: *IKhoba AliyikuLidla Ifa Kanye NoKolo*. Niwuqondile, nina ebenilapha na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngithemba ukuthi bekwenele ukuthi ubuzoqondwa.

<sup>4</sup> Manje, ngiyazi, kulobubusuku, kunohlelo olusakazwayo, futhi, ngakho angifuni ukunihlalisa lapha isikhathi eside ngokwenele ukuba niwugeje lowo. Ngoba, ngiyacabanga ukuthi lolo ngempela beluwusizo ku—kabantu abakholelwka kwiPentecostal, lolohlelo olusakazwayo esalubona ngobunye ubusuku. Isigejane sabesilisa esinomoya omuhle kabi, izimpendulo ezimangalisa kabi, eziqondile. Kungenze ngazizwa ngikahle ngempela, ukubona lokho. Ngithemba ukuthi iNkosi izolubusisa, kulobubusuku. Nanoma ubani obukayo, kwangathi bangakholwa. Lowo bekungaba ngumkhuleko wami oqotho.

<sup>5</sup> Nemibiko eminingi kangaka ingena, namuhla, ephuma eposini nangezingcingo, zabanningi kakhlulu bephiliswa kulomhlangano. Ngijabule kakhlulu ngalokho. Lokho, lokho

ngukuthi, ukubonaabantu begula, lolo wuhlobo lwenkonzo yami.

<sup>6</sup> Nge—ngenyukela lapha ukuba ngishumayele. Mina, niyazi, angisuye umshumayeli. Kodwa mina, ngalokhu, ukukhulunywa nokubhalwa kolimi kwami kwaseKentucky, “kwakhe, hain’t” na—nawo onke lawomagama, ngakho angi—angikwazi ukusho njengalokhu esikubiza ngomshumayeli wesimodeni wanamhlanje. Bengi—ngingeke ngathatha leyondawo, ngoba ngi—anginamfundo.

<sup>7</sup> Kodwa ngiyathanda ukuzwakalisa engikwaziyo ngaWo, kwabanye, noma engikuzwayo engikwaziyo ngaWo, kwabanye, ukuthi ngiWufunde kanjani, ukuthi Ukanjani kimi. Ungukuphila kwami konke, konke lokho ebengingake ngize ngilindele ukuba yikho, nokuningi kakhulu kunalokho engake ngakucabanga, ukuthi ngangiyoke ngibe nomngane, kunzima, emhlaben, ngenkathi ngisengumfanyana. Kodwa ngibonga ngempela ngabangane abakhulu namhlanje.

<sup>8</sup> [Umfowethu uthi, “Kunenkathazo encane yokuzwa emuva lapho, Mfowethu Branham. Sondela kakhudlwana.”—Umhl.] O, ngiyaxolisa. Ngi—ngithi ukuphuma ekuboneni lapha, ndawo ndawo, usho njalo.

<sup>9</sup> Manje, ukungena ngqo enkonzweni, ake siphene okunye ukufundwa komBhalo. Ngi—ngikuthanda njalo ukufunda iBhayibheli, ngoba LiyiZwi likaNkulunkulu. Ngiyakukholwa lokho. Futhi ngiLikhola ukuthi liyiZwi likaNkulunkulu elingenakuphosisa. Futhi manje nginemBhalo embalwa ebhalwe phansi lapha, namanothi athize engizothanda ukuthathela kuwo, okwemizuzwana embalwa, mhlawumbe okwemizuzu engamashumi amane-nanhlanu.

<sup>10</sup> Futhi sizobe—ke sesiphuma ngesikhathi ukuba sihambe siyobona loluhlelo olusakazwayo oluyisimangaliso futhi kulobibusuku. Futhi ngithemba ukuthi uNkulunkulu uzoqhube ka ukuba anibusise ngokuqhubeka ngqo. Futhi ngiyazi ukuthi nifanele nenzenjani. Futhi ngifanele ngishayele ngiye eTucson, namanje, kulobibusuku, niyabo, ngakho ningazibonela. Lokho ngukushayela amahora ayishumi.

<sup>11</sup> Futhi ngiya phesheya kwezilwandle, futhi ngifanele ngithole umjovo wesifo esibulalayo sasemazweni ashisayo ekuhlolweni ekuseni kwahulumeni. Ngakho ngi—ngifanele ngifinyelele laphaya. Ngaba nokuhlehlisa, olunye usuku, futhi abazukumthatha u “qhabo” ukuba abe yimpendulo futhi manje. Futhi ngisenomunye womhlathi-ngqi nothayifasi isifo sezintwala ukuba ngiuthatthe, nezikhuthaza zami.

<sup>12</sup> Ngakho, ngibonga kakhulu ngalelithuba, na—nalomhlangano omuhle esaba nawo ngaphambili kwengqungquthela. Impela uyixhuxhumisile inhliziyo yami.

Niyisigejane esikahle sabantu. Ngethemba ukuthi uNkulunkulu uzonibusisa.

<sup>13</sup> Uma ihora elikhulu like la... Lesosilwanekazi esikhulu esesabekayo esilele phezulu ngaleya, esasiziqhwbazela phezulu eAlaska, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, siphakamise umsila waso futhi kulokhu ukusa, sihamba cishe, ezansi ngokuzungeza iWashington. Besingabhekisa amabombo ngapha, kalula kakhulu. Futhi uma uMoya oNgcwele eke angitshele ngokoqobo...

<sup>14</sup> Omunye ubephendula...engibuza lokho, “Ngabe kuzokwenzeka lapha, Mfowethu Branham na?” Qhabo, angikwazi lokho. Angazi nje, ngize ngazi. Lelo yiqiniso.

<sup>15</sup> Ngifuna njalo ukwethembeka kini. Angizukuhlawumpisela nje, ngithathe noma yimiphi imibono, noma eminye, engikukholwayo, noma into efana naleyo. Uma nginitshela, kuzoba yikho. Awu, Uzofanele angitshele, kuqala, ngizobe senginitshela-ke. Ngi—ngiyazi umhlaba wonke usesimwени esizamazamayo. Sisesikhathini sokuphela. Kodwa into eyodwa engizame ukuba yiyo...

<sup>16</sup> UMfowethu Shakarian ubesho kulokhu ukusa, ukuthi wayevame kanjani ukuya emigqeni yemikhuleko, bese efinyelela phansi lapho bese ethatha lawomakhadi ngaphambi kokuba abantu bakhuphuke, futhi awabuke, futhi abone ukuthi ngabe—ngabe ngibatshelile yini ababekubhale khona lapho. Babhalo zonke izinhlobo zezinto emakhadini abo omkhuleko, niyazi, futhi nje wayefuna ukubona ukuthi kwakukahle yini. Wathi, emakhulwini ayewahlolile, kwakukade kungekho nelilodwa elinephutha. [UMfowethu Shakarian uthi, “Kungekho nelilodwa elinephutha.”—Umhl.] Soze labakhona nelilodwa elinephutha, niyabo, ngoba, i—inqobo nje uma kunguNkulunkulu. Uma ngike ngize ngizitikitele mina kukho, khona-ke kuyiphutha khona lapho okokuqala nje.

<sup>17</sup> Intombazane encane uyise wayo uhlezi, ungilalele manje, ifika kimi, kungekudala. Yayinephupho. Yathi, “Mfowethu Branham, lichaza ukuthini lelipupho na?”

<sup>18</sup> Ngathi, “Angazi, dade. Ngizofanele ngithole, uma iNkosi izongitshela.” Ngakho ngaqhubeka futhi ngazama ukubuza iNkosi, futhi Ayizange ingitshele.

<sup>19</sup> Intombazane encane iyabuya futhi. Yathi, “Awu, manje iphi incazo yephupho lami na?”

<sup>20</sup> Ngathi, “Woza lapha, s’thandwa, uhlale phansi.” Ngathi, “Uyihlo nonyoko bangabangane bami abahle kakhulu. Uyabo? Futhi bafike bevela le eCanada, bathatha impesheni, futhi bagogobala lapha nami. Bayakukholwa lokhu, engizama ukukusho. Futhi angikaze ngisho noma yini eyiphutha kunoma ubani, ngamabomu, empilweni yami. Uma ngi... Ngicabanga ukuthi niyazi ukuthi iphupho lichaza ukuthini. Kodwa ngize

ngizibonele mina lelophupho, bese-ke Engitshela ukuthi lichaza ukuthini, ngeke ngakutshela. Uyabo, uma nje ngenza okuthize, kungahle kubekhona isikhathi lapho obungidzinga khona phakathi kokufa nokuphila, futhi-ke ubungeke wazi noma kufanele ungikholtwa noma qha.”

<sup>21</sup> Uma ngikutshela noma yini eGameni leNkosi, kuyilokho ngeqiniso. YiloWo ongitshela lokho. Futhi kuze kube manje, kuyo yonke leminyaka, emhlabeni wonke, nokujikeleza umhlabu, Akukaze kube yiphutha nakanye. Isizathu...Futhi, manje, niyazi isidalwa esingumuntu ngeke saba yilokho kungaphosisi. Kuthatha uMoya kaNkulunkulu ukwenza lokho.

<sup>22</sup> Futhi manje nginoMlayezo engibophezeleke kuwo. Futhi izikhathi eziningi bengithathwa ngokuthi, phakathi kwabantu, awu, mhlawumbe omunye ongahlalanga nje phansi futhi acabange umzuzu, ukuthi ngangingu—ngu, o, umuntu omubi kabi, ukuthi ngangingabathandi abantu, futhi ngangahlala njalo ngibasika. Futhi lokho akunjalo. Lokho akunjalo. Ngiyabathanda abantu. Kodwa, niyazi, uthando luyaqondisa.

<sup>23</sup> Ukuba umfanyana wakho ubehlezi emgwaqeni phandle lapho, wase uthi, “Junior, s’tandwa, angikufuni phandle lapho, kodwa...” Nezimoto zichwaza ngakuye, wase umngenisa. Ugijima ubuyela phandle futhi. Ngani, ufanele umqondise. Uma umthanda, uzokwenza. Ufanele.

<sup>24</sup> Uma ubone umuntu entanta ehla ngomfula, ebheke ngasezimpophomeni, ngesikebhe esincane, obuwazi ukuthi lesosikebhe besizozika uma etheleka ezimpophomeni, ubungasho yini ukuthi, “John, wena, mhlawumbe ubufanele ucabange isikhashana, mhlawumbe ungahle ungaphumeleli”? Uma ngazi ukuthi akazukuphumelela, ngizocishe impela ngimhluthule ngimkhipe esikebheni, uma ngingahle ngikwazi, ngoba wuthando olwenza lokho.

<sup>25</sup> Namanje, kulemiLayezo engiyikhulumayo, angizami neze ukungenisa noma yiyphe imfundiso, noma okunjalo. Ngi—ngiyawenza lokho ebandleni lami uqobo. Kodwa phandle lapha phakathi kwabesilisa nabesifazane abangamahlelo ehlukene nemibono eyehlukene, ngizama nje ukufaka isimo esipholile, ngichaze; kodwa kwenele ukufika lapho uma nizelwe nguMoya kaNkulunkulu, ngikholtwa ukuthi nizokuqonda engikuchazayo, phakathi kwamadoda angamaKristu, iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, namanye amanangi.

<sup>26</sup> Manje, kulobubusuku, ngifuna ukuphenya kuGenesi, isahluko 24. Ngifuna ukufunda i...ngiqale ngevesi 12 lesahluko 24 sikaGenesi.

*Yathi, O Nkosi Nkulunkulu...nkosi yami uAbrahama,  
akungisize, ngiphumelelise namuhla, uyenzele inkosi  
yami uAbrahama umusa.*

*Bheka, sengimi lapha ngasemthonjeni wamanzi; amadodakazi abantu bomuzi eza ukukha amanzi:*

*Makuthi, intombazana engizakusho kuyo ukuthi, Mawubeke phansi imbiza, ngisize, ngiphuze; ithi, Phuza, ngizakuphuzisa namakamela akho: ibe-yileyo-ke oyimisele inceku yakho uIsaka; ngalokho ngizakwazi ukuthi wenzele mina ku...inkosi yami umusa.*

<sup>27</sup> Bese kuba-ke seNcwadini yeSambulo. Lokho ngukuqala kweBhayibheli, uGenesi. Manje, ekugcineni kweBhayibheli, ngifuna ukufunda esahlukweni 21 seSambulo, nevesi 9.

<sup>28</sup> Siyazi ukuthi uyini lomBhalo kaGenesisi lapha... Nifunde sonke isahluko, uma nifisa. NguNkulunkulu ethuma uEliyeza. Noma, uAbrahama ethuma uEliyeza, ngiyaxolisa, ukuba aqokele uIsaka umlobokazi. NoRebeka omuhle waphuma, futhi empendulweni epehele emkhulekweni u—uEliyeza, inceku ka-Abrahama, yayisanda kukhuleka nje.

Manje evesini 9 lesahluko 21 seZambulo.

*Kwase kufika kimi enye yezingelosi eziyisikhombisa ezazinezitsha eziyisikhombisa ezigcwele izinhlupho eziyisikhombisa zokugcina, yakhulumu nami, yathi, Woza lapha, futhi ngikukhombise umlobokazi, umkaWundlu.*

<sup>29</sup> Manje ngifuna ukuthatha okodaba, kulobubusuku, lwalokho: *UkuKhethwa KoMlobokazi*. Nalena yi, uma umfowethu orekhodayo lapha ethanda, lena yiteyipu ongaqhubeke nayo futhi uyidedele iphume.

<sup>30</sup> Futhi manje, kulokhu, akusho khona ngempela ukuthi ngikhulumu lokhu kulelibandla elikhona manje, kodwa lamateyipu aya emhlabeni jikelele. Ahunyushelwa, ngokwangempela, o, ezilimini eziningi kakhulu, ngisho nasemazweni abahedeni emhlabeni jikelele. Sibathumelela amateyipu, ngesihle, ngenhlangano yobuddelwane bebandla. Futhi ayahunyushwa. Nakho konke phandle emenweni yaseAfrika, naseNdiya, nasemhlabeni jikelele, kuya lamateyipu.

Manje, ukukhetha uMlobokazi!

<sup>31</sup> Ezintweni eziningi zokuphila sinikezwa ukukhetha. Indlela yokuphila, uqobo lwayo, ingukukhetha. Sinelungelo lokwenza indlela engeyethu uqobo, sikhethe indlela yethu uqobo esifuna ukuyiphila.

<sup>32</sup> Imfundu ingukukhetha. Singakhetha ukuthi ngabe sizoba yizifundiswa, kumbe noma asizukuba yizifundiswa. Lokho ngukukhetha esinakho.

<sup>33</sup> Okulungile nokungalungile kungukukhetha. Wonke owesilisa, wonke owesifazane, umfana nentombazane, kuzofanele bakhethe ukuthi bazozama ukuphila ngokufanele noma bangaphili ngokufanele. Kungukukhetha.

Ukukhetha kuyinto enkulu.

<sup>34</sup> Indawo yakho eyisiphetho saPhakade ingukukhetha. Futhi mhlawumbe, kulobibusuku, abanye benu bazokwenza lokho—lokho kukhetha, kokuthi uyolichithelaphi iPhakade, ngaphambi kokuba lenkonzo iphele kulobibusuku. Kuyobakhona isikhathi esisodwa, ukuthi, uma umenqabile uNkulunkulu isikhathi esiningi, kuyobakhona isikhathi esisodwa lapho oyoMenqaba khona okokugcina. Kukhona umugqa phakathi kwesihawu nokwahlulelw. Futhi kuyinto eyingozi kowesilisa noma owesifazane, umfana noma intombazane, ukweqa lowomugqa, ngokuba akukho ukubuya uma weqa lowomugqa ongumnqamlajqu. Ngakho, kulobibusuku, kungahle kube yisikhathi ukuthi abanangi bazokwenza isinqumo sabo—sabo, lapho abayochitha khona iPhakade elingenakuphela.

<sup>35</sup> Kukhona okunye ukukhetha esinakho ekuphileni, lokho ngukuthi, ngumata oyophila naye. Insizwa noma yintombi, bephumela ekuphileni, i—inikwe ilungelo lokwenza ukukhetha. Insizwa iyakhetha. Intombi inelungelo lokukuvuma noma ikwenqabe. Kodwa kuseyikho ukukhetha, macala omabili. Bobabili owesilisa nowesifazane, banelungelo ekukhetheni.

Futhi, unokukhetha, njengomKristu.

<sup>36</sup> Unokukhetha ibandla, lapha eMelika, okwamanje, ongaya kulo. Leyo yinhlanhla yaseMelika yakho uqobo, ukukhetha noma yiliphi ibandla ofuna ukusonta kulo. Lokho ngukukhetha. Awudingi ukuya kunoma yiliphi lawo, uma ungafuni. Kodwa uma ufunya ukushintsha usuka kwiMethodisti uye kwiBaptisti, noma iKatolika uye kwiProtestane, noma okunjalo, akukhomuntu ongakutshela noma akwenze uze kunoma yiliphi ibandla elithize. Leyo ngeyethu—leyo yinkululeko yethu. Iyilokhoke intando yethu yeningi. Wonk’umuntu angazikhethela. Inkululeko yenkolo, futhi leyo yinto e—enkulu. UNkulunkulu asisize ukuba siyigcine ngawo onke amandla ethu.

<sup>37</sup> Nawe futhi unokukhetha. Noma ngabe... Uma ukhetha lelibandla, ungakhetha noma ngabe wena, kulelibandla, noma ngabe uzokhetha ibandla elizokuholela esiphethweni sakho saPhakade. Ungakhetha ibandla elinesivumokholo esithize, ongahle ucabange ukuthi lesosivumokholo siyilokho nje okufunayo. Noma, elinye ibandla linesivumokholo sabo.

<sup>38</sup> Futhi manje-ke kukhona iZwi likaNkulunkulu, onokukhetha kulo. Ufanele wenze ukukhetha.

Kukhona umthetho ongabhalive phakathi kwethu, wokukhetha.

<sup>39</sup> Ngikhomba ukuthi kwakunguElija, ngesinye isikhathi, phezulu eNtabeni iKameli, emva kwelamanqamu, ehoreni elikhulu lesimo esibucayi esesizoza kuso nje khona manje. Mhlampe, kungahle kube kuwe noma kimi, kulobibusuku, ukuthi senze lokhu ukukhetha, njengesehlo saseNtabeni

iKameli. Ngokukhuluma ngokusobala, ngicabanga ukuthi kuyenzeka, ezweni lonke, manje. Kodwa masinya kuzoba nesikhathi lapho khona ozofanele wenze ukukhetha.

<sup>40</sup> Nani besilisa lapha, bamabandla enu amahlelo, kholwani yilokhu nje, ukuthi ihora likini ngqo, lapho nizokwenza khona ukukhetha. Kuphakathi kokuthi nizoya eMkhandlwini woMhlaba, noma anisezukuba yilo nhlobo ihlelo. Nizodingeka ukuthi nikwenze lokho, nalokho kukhetha kuyeza masinya.

<sup>41</sup> Futhi kuyinto eyingozi ukulinda kuze kube yilelohora lokugcina, futhi, ngoba ungahle uthathe into ethize ongasoze uzithuntuthe kuyo. Uyazi, kukhona isikhathi lapho ongexwayiswa khona, bese kuthi, uma weqa lowomugqa wokwexwayiswa, khona-ke usuvele umakiwe ngakwelinye icala, ushaywe uphawu.

<sup>42</sup> Khumbulani, uma kufika unyaka wejubili, nom—mpristi wayegibela necilongo lakhe likhala, ukuthi zonke iziqqila zase zingahamba zikhululeke. Kodwa uma zala ukwemukela inkululeko yazo, khona-ke kwakufanele sithathwe siyiswe ethempelini, ensiken, nosungulo lusibhoboze indlebe, bese-ke sikhonza inkosi yaso njalo. Kwakufakwa endlebeni yaso njengesifanekiso, sokuzwa. “Ukukholwa kuvela ngokuzwa.” Salizwa lelocilongo, kodwa asifunanga ukulilalela.

<sup>43</sup> Futhi isikhathi esiningi, abesilisa nabesifazane bezwa iQiniso likaNkulunkulu, futhi baLibone liqinisekiswa futhi lifakaziswa, iQiniso, kodwa nokho abafuni ukuLizwa. Kukhona esinye isizathu esithize. Kukhona okunye ukukhetha okuthize abanakho, kunokubhekana neQiniso nesiminya, ngakho-ke izindlebe zabo zingavaleka eVangelini. Abasophinde baLizwe futhi. Iseluleko sami kini, uma uNkulunkulu ekhulumena enhliziyweni yenu, kwenzeni ngayo leyonkathi.

<sup>44</sup> UElija wabanika ukukhetha okungukuthi babefanele. “Khethani namuhla ukuthi ngubani eniyakumkhonza. Uma uNkulunkulu enguNkulunkulu, khonzani Yena. Kodwa uma uBali enguNkulunkulu, khonzani yena.”

<sup>45</sup> Manje, njengoba sibona ukuthi konke okwezinto zemvelo kuyisifanekiso sezinto zokomoya, njengoba sedlule kukho esifundweni sethu kulokhu ukusa, njengelanga nemvelo yalo. Lelo kwakuyiBhayibheli lami lokuqala. Ngaphambi kokuba ngize ngifunde ikhasi eBhayibhelini, ngangimazi uNkulunkulu. Ngoba, iBhayibheli libhalwe ndawo zonke emvelweni, futhi nje kuvumelana neZwi likaNkulunkulu: ukuthi kukanjani ukufa, ukumbelwa, ukuvuka kwemvelo; nelanga liphuma, linqamula, lishona, lifa, liphuma futhi. Ziningi kakhulu izinto ebasingafanekisa, uNkulunkulu emvelweni, esizodingeka sizedlule, zaloMlayezo.

<sup>46</sup> Manje, uma okomoya noma... Okwemvelo kuyisifanekiso sokomoya. Khona-ke, ukukhethwa komlobokazi, kokwemvelo,

kuyisifanekiso sokukhetha uMlobokazi, uMlobokazi, kokomoya.

<sup>47</sup> Manje, kuyinto enzima uma sihamba siyokhetha umfazi, indoda, ngokuba izifungo lapha ngukuthi size sahlukaniswe wukufa. Sifanele sisigcine kanjalo-ke. Futhi uthatha lesosifungo phambi kukaNkulunkulu, ukuthi wukufa kuphela okuyonehlukanisa. Futhi ngicabanga ukuthi sifanele. Indoda esile kahle engqondweni yayo, ehlelela ikusasa, ukuthi ifanele ikhethi lowomfazi ngokukhulu ukucophelela. Cophelela ukuthi wenzani. Nowesifazane ekhetha umyeni, noma emukela ukukhetha komyeni, ufanele acophelele ngempela ukuthi wenzani, futhi ikakhulukazi kulezizinsuku. Indoda ifanele icabange futhi ikhuleke ngaphambi kokuba ikhethi umfazi.

<sup>48</sup> Ngicabanga ukuthi, namhlanje, okwenze ukuba kube namacala ezahlukaniso amanangi kangaka manje, ukuthi sihola umhlaba eMelika, emacaleni ezahlukaniso. Silihola umhlaba wonke. Kuneziningi kakhulu izehlukaniso lapha kunakuyiphi enye indawo, lesizizwe, futhi kufanele ngabe, futhi nokucatshangwa ngaso, siyisizwe samaKristu. Ihlazo elingaka, izinkantolo zakithi zezahlukaniso! Ngicabanga ukuthi, isizathu sakho, yingoba abesilisa uqhelile kuNkulunkulu, nabesifazane uqhelile kuNkulunkulu.

<sup>49</sup> Futhi siyathola, ukuthi, uma owesilisa ekhulekile nowesifazane walukhulekela udaba; hhayi nje ukubuka isethi yamehlo amahle, noma amahlombe amakhulu aqinile, noma okunjengalokho, noma okunye ukunaka kwezwe; kodwa abuke kuqala kuNkulunkulu, bese ethi, “Nkulunkulu, ngabe yicebo laKho leli na?”

<sup>50</sup> Ngicabanga ukuthi, namhlanje, kuningi kakhulu ukukhohlisa, njengasesikoleni nje. Uma—uma abantwanyana befika bedlula, ekuseni, abanangi babantwanyana komakhelwane, lowo—lowo abangane bami, bezofika bedlule futhi bathi, “Mfowethu Branham, ungasikhulekela na? Sine—netesti namhlanje. Ngi—ngisebenze ubusuku bonke, futhi angibonakali nginga—ngingaba nokukuthola kuxazululekile. Ngikhulekele.” Ngicabanga ukuthi noma yimuphi umntwanyana wesikole, uma ubuzokwenza, uma... Nabazali etafuleni lasekuseni, ubuzokwenza. Uthi, “Mama, uJohn unetesti namhlanje. Asimkhulekele manje.” Ngicabanga ukuthi bekuzoshaya konke obungake uze ukwenze noma ngayiphi enye indlela, noma ulunguze ephepheni lomuny’umuntu futhi ukhohlisa. Ngicabanga ukuthi uma ubungavele nje uphume futhi ulukhulekele udaba.

<sup>51</sup> Futhi uma besizokufundisia esikwenzayo uma sizoganwa, uma sikhetha umkethu, umyeni wethu, ukuba besizophinda sikubhekisise! Indoda ifanele ikhulekisise, ngokuba ingabhidliza yonke impilo yayo. Khumbulani, isifungo

singukuthi “size sehlukaniswe wukufa,” futhi ingabhidliza impilo yayo ngokwenza ukukhetha okungafanele. Kodwa uma yazi ukuthini, yona yenza ukukhetha okungafanele futhi iganwa ngowesifazane ongakufanele ukuba ngumkayo, futhi iyakwenza noma kanjani, khona-ke yiphutha layo. Uma owesifazane ethatha umyeni futhi azi ukuthi akakufanele ukuba ngumyeni kuwe, khona-ke lelo yiphutha lakho uqobo, emva kokuba sewazi ukuthi yikuphi okulungile nokungalungile. Ngakho, awufanele ukwenze uze ukuba usukhulekisisile waqeda.

<sup>52</sup> Okufanayo kusebenza ngokukhetha ibandla. Manje, ufanele ulikhulekele ibandla ohlanganyela kulo. Khumbula, amabandla athwala umoya.

<sup>53</sup> Manje, angifuni ukuba ngogxekayo. Kodwa ngiyaqonda ukuthi sengiyikhehla, futhi ngizodingeka ukuba ngimuke lapha, ngolunye lwalezizinsuku. Futhi ngifanele ngiphendule ngoSuku lokwaHluelwa ngengikusho kulobubusuku kumbe noma yisiphi esinye isikhathi. Futhi mina, ngakho-ke, ngifanele ngicophelele ngakho konke futhi ngikholiseke ngeqiniso.

<sup>54</sup> Kodwa, niya ebandleni, futhi uma nizobhekisisa ukuziphatha kwalelobandla, bhekisisani umelusi isikhashana nje, futhi ngokuvamile nizothola ukuthi ibandla lenza njengomelusi. Ngezinye izikhathi, ngiyaye ngimangale ukuthi asitholi yini umoya womunye esikhundleni sikaMoya oNgcwele. Ufika endaweni lapho umelusi oyisidlamlilo ngempela futhi eqhubeka, uzothola ukuthi ibandla liyindlela efanayo. Ngizokuletha ebandleni lapho engibona khona umelusi ema, banqekuzisa amakhanda abo emuva naphambili. Bhekisisa ibandla, benza into efanayo. Thatha umelusi, ovele nje agwinye asheshisse noma yini, ngokuvamile ibandla liyokwenza into efanayo. Ngakho, ukuba bengikhetha ibandla, bengiyokhetha elangoqobo, eliqavile, iFull Gospel, ibandla leBhayibheli, ukuba bengikhetha elilodwa ukuba ngifake umndeni wami kulo. Ngikhethe. Ngabheka . . .

<sup>55</sup> Abafana, ngoluny'usuku, indodana kaMfowethu Shakarian nomkhwenyana wakwakhe, bangenyusele lapha ukuba ngikhulekele umfo osemncane, umculi, umfana oyigcokama. Usanda kubuya nje . . . uFred Barker, lelo kwakuyigama lakhe, usanda kubuya nje ohambweni. Futhi bangibizela, ukuthi, “UFred wayefa.” Kwase kuthi-ke, ngaphambi kokuba ngingene endlini, omunye umlayezo uyafika, “Angahle ukuba usefile khona manje.” Futhi wathi wayeno—nomongozima ebuchosheni, futhi wafa uhlangothi, futhi—futhi wayefa, nomkakhe wayefuna ngimkhulekele.

<sup>56</sup> Futhi ngacabanga, “O, uma ngizama ukundiza, uzobe esefile ngaphambi kokuba ngifike lapho, futhi ngahle ukuba usefile manje.” Ngakho, ngashaya ucingo ngokushesha ngase ngithola inenekazi elincane efonini. Sase—sasesixuma ifoni,

nasendlebeni kaFred. Wayengakwazi ukugwinya. Babemnika insiza-kugwinya. Futhi ngenkathi simkhulekela, wathi, waqhweba, ayikhishwe emphinjeni wakhe. Wayesekwazi ukugwinya. Odokotela abakukholwanga. Bayikhipha, futhi wayesekwazi ukugwinya. Wayehlezi ngezinqe, ngoluny'usuku.

Ibandla; ukukhetha ibandla.

<sup>57</sup> Ucingo lusanda kungena nje, esikhashaneni esedlule. Kulokhu ukusa, ilunga lebandla lami, elingowesifazane oyibaptisti ngempela ophuma eLouisville, ufe kusesekuseni kulokhu ukusa. Nebandla lami ekhaya, iqembu labesilisa elizahlukanisele ngempela, babuthana ndawonye base behla, ngaphambi kokuba umngewabi amgqumise, bama bamengama, bakhuleka ukuphila kwaze kwabuyela kuye. Futhi uyaphila, kulobubusuku. Amalunga amadala ebandla lami, ngani, babefundisiwe ukuthi bakholwe ukuthi zonke izinto zingenzeka, beza kuNkulunkulu ngobuqotho.

Ngakho, nifanele nenze ukukhetha okufanele.

<sup>58</sup> Futhi, uhlobo lowesifazane owesilisa ayolukhetha, luyobonisa izimpokophelo zakhe nesimilo sakhe. Uma owesilisa ekhetha owesifazane ongalungile, kubonisa isimilo sakhe. Futhi azibophela kukho, kukhombisa ngeqiniso ukuthi yini ekuye. Owesifazane ubonisa okukowesilisa uma emkhetha ukuba abe ngumkakhe. Kukhombisa ukuthi yini ephansi phakathi kuye. Akunandaba ukuthi uthini ngaphandle, bhekisisa ukuthi uganwe yini.

<sup>59</sup> Ngigi eofisi lowesilisa, futhi uthi ungumKristu; izithombe ezikhanukisayo yonke indawo ezindongeni, lowodumdumu omdala womnyuziki ucula. Angikhathali ukuthi uthini. Angibukholwa ubufakazi bakhe, ngoba umoya wakhe uzondla ngalezozinto zeze. Ini, ake nisho, uma ebengashada nentombi yomakhorasi, noma uma-ke ubengashada nonondindwa, noma nje enhle, intekenteke yesimoden na? Kuyabonisa. Kukhombisa anakho engqondweni yakhe, kokuthi ikhaya lakhe lesikhathi esizayo lizoba yini, ngoba umthathele ukuba akhulise abantwana bakhe ngaye. Futhi noma ngabe uyini, yileyondlela azokhulisa ngayo lababantwana. Ngakho, kubonisa lokho okukowesilisa. Owesilisa othatha owesifazane onjalo, ukhombisa nje ukuthi ucabangani ngesikhathi esizayo.

<sup>60</sup> Ungathini nje umKristu enza into enjengaley na? Qhabo, mnumzane. Ngangingeke. UmKristu wangeqiniso akazukubheka onobuhle abanjalo, nezintombi zamakhorasi, nonondindwa. Uyobheka isimilo sobuKristu.

<sup>61</sup> Manje, ungeke waba nazo zonke izinto. Kungahle kubekhona intombazane eyodwa enhle ngempela. Nenye intombazane, mhlawumbe iyi...ukuma kwayo kubukeka kukuhle kunale. Futhi ungahele udele enye ngenye, kodwa, uma ingesikho ukuma kwenenekazi, lowesifazane. Futhi, yona...Anginandaba noma

ngabe inhle noma qha. Ufanele ubheke isimilo sayo, noma ngabe inhle noma ayiyinhle.

<sup>62</sup> Manje, ngokuba, kufanele, uma umKristu ebezokhetha umfazi, ubefanele akhethe ongowoqobo, owesifazane ozelwe ngokusha, kungakhathaleki ukuthi ubukeka enjani. Kuyilokho ayikho, okumenzayo. Bese kuthi-ke, futhi, lokho kubonisa isimilo sakhe uqobo sokumesaba uNkulunkulu, futhi kubonisa ukuthi kukhonani engqondweni yakhe nokuthi kuzoba yini ngesikhathi esizayo, ngokuba umndeni wakhe uzokhuliswa ngowesifazane onjalo, okwezinhlelo zesikhathi esizayo sekhaya lakhe.

<sup>63</sup> Uma eganwa ngenye yalezizintekenteke ezincane zesimodeni, onondindwa, yini abengayilindela na? Hloblo luni lwekhaya owesilisa abengalindela ukuba nalo na? Uma eganwa yintombazane engenaso isimilo esenele sokuziphatha mayelana nayo ukuba ihlale ekhaya futhi inakekele indlu, futhi ifune ukusebenza ngaphandle eofisi lomuny'umuntu, nhlobomi yowesifazane obheka ikhaya eyoba yiyo na? Niyoba nabagadi bezingane nakho konke okunye. Qiniso.

<sup>64</sup> Manje, angikunambithisisi kangako lokhu kwesimodeni, kwabesifazane besebenza. Ngenkathi ngibone laba besifazane begqoke lama yunifomu, begibebe bejikeleza kulelidolobha, ezithuthuthwini, njengamaphoyisa, kuyihlazo kunoma yiliphi idolobha eliyovumela owesifazane enze lokho. Niyabo? Niyabo? Njengoba abesilisa abanangi engenawo umsebenzi, kukhombisa ukucabanga kwesimodeni kwedolobha lakithi. Kukhombisa ukwehlisa isithunzi. Asidingi ukuba nalabo besifazane phandle lapho abanjalo. Abanamsebenzi wokuthi babe phandle lapho kanjalo.

<sup>65</sup> Ngenkathi uNkulunkulu epha owesilisa umfazi, Wamupha into enhle ukwedlula zonke Ayengamupha yona, ngaphandle kwensindiso. Kodwa uma oyedwa ehamba eyozama ukuthaththa indawo yowesilisa, khona-ke uthi akabe yinto embi kunazo zonke angayithola. Manje, lokho kuqinisile. Niyabo?

Manje singakubona ukusebenza kokomoya.

<sup>66</sup> Ngi–ngiyazi ukuthi lokho kubi, nicabanga ukuthi kubi, kodwa kuyiQiniso. Asinandaba ukuthi kubi kanjani, sifanele sibhekane nakho ngeqiniso. Yilokho iBhayibheli elikufundisayo. Niyabo?

<sup>67</sup> Manje, thina lapha silibona ngokucacile icebo lokomoya, likaNkulunkulu eceba ukuba neKhaya laKhe lesikhathi esizayo noMlobokazi waKhe wesikhathi esizayo, liza liba sobala manje.

<sup>68</sup> Uma owesilisa eganwa ngunondindwa, uyabona ukuthi ubhekeni ngesikhathi esizayo. Uma owesilisa eganwa ngowesifazane ongeke ahlala ekhaya, uyabona ukuthi ubhekeni ngesikhathi esizayo. Futhi mina ngesinye isikhathi... .

<sup>69</sup> Lokhu kuzwakala kabi kabi. Ngizwa nje kuthi angikusho. Futhi mina—mina, ngokujwayelekile, uma ngizwa kuthi angisho into, ngifanele ngiyisho. Futhi ngokujwayelekile kuyindlela kaNkulunkulu.

<sup>70</sup> Nga—ngangivame ukuhamba nomfuyi wezinkomo engangisebenza naye, ukuyothenga izinkomo. Futhi ngangimqaphela umfo omdala njalo ebuka ngqo ubuso besithole ngaphambi kokuba ayobhida. Bese ephendula ikhanda laso, futhi asibuke emuva nangaphambili. Ngangilokhu ngimlandela, ngambhekisisa. Futhi asibuke phansi naphezulu, uma sasibukeka kahle, ukwakheka kwaso. Wabe-ke esesiphendula asibuke ebusweni, futhi ngesinye isikhathi wayenikina ikhanda lakhe bese esuka ahambe.

Ngathi, “Jeff, kukhona engifuna ukukubuza khona.”

Wathi, “Kusho, Bill.”

<sup>71</sup> Ngase ngithi, “Kungani njalo ubheke leyonkomazi ebusweni na?” Ngathi, “Ibukeka ikahle, enhle—enhle inkomazi eqatha.”

<sup>72</sup> Wathi, “Ngifuna ukukutshela, mfana, unokuninginingi ofanele ukufunde.” Futhi nga—ngakuqonda emva kokuba esengitshelile. Wathi, “Anginandaba ukuthi yakheke kanjani. Ingahle ibe yinyama, ize iyothi ngqi enselweni. Kodwa uma inalokho kugqolozela kokuba ngumdlwembe ebusweni bayo, ungalokothi uyithenge.”

Ngathi, “Kungani kube njalo, Jeff na?”

<sup>73</sup> “Awu,” wathi, “into yokuqala ingukuthi,” wathi, “ayisoze yahlala ndawonye.” Futhi wathi, “Into elandelayo ingukuthi, ayisoze yaba ngumama enkonyaneni yayo.” Futhi wathi, “Bayifaka esibayaneni manje, isizathu sokuba ikhuluphale. Uke wayidedela, nalokho kugqolozela kokuba ngumdlwembe, iyogijimela ukufa qobo lwayo.”

<sup>74</sup> Ngathi, “Uyazi, ngithe ukufunda okuthize. Ngikholwa ukuthi lokho kusebenza nakwabesifazane, futhi.” Kunjalo. Kunjalo.

<sup>75</sup> Lokho kokuba ngumdlwembe, okugqolozelayo, ukubuka kwentekenteke, kungcono udede kuye, mfana, zonke lezozinto lapho ezil’hlaza phezu kwechopho lamehlo akhe. Futhi angi... Angikufuni lokho. Angicabangi ukuthi lokho kumfanale umKristu. Angikhathali ukuthi itelevishini nephepha lisho kangakanani ukuthi kuhle. Kungokubukeka kukubi kakhulu lokhu okwesabakayo, into ebukeka iyimbi kakhulu engake ngayibona empilweni yami.

<sup>76</sup> Ngenkathi ngiqala ukubona lokho, lapha eClifton’s Cafeteria, ngokunye ukusa, ekudleni kwasekuseni. Ngabona ezinye zalezozintombi zikhuphuka. UMfowethu Arganbright wayesanda kungena nje, nami. Futhi wayehle waya esitezi esiphansi. Futhi ngabheka, naleyonombazane iyangena.

Ngacabanga, “Awu, a—a—a—angazi.” Angikaze ngikubone ngaphambili. Kwakungolunye uhlobo. O, kwakubukeka sengathi yayidleke yabola, niyazi, ithe nje ukubukeka ihlekisa. Angikusho lokho ukuba ngihlekise. Ngi—ngiyakusho. Niyazi, ngilubonile uchoko. Ngiyisithunyuwa senkolo. Ngizibonile zonke izinhlobo zamalumbo, niyazi, ngokuthi izifo zikanjani. Futhi ngangizokwenyuka ngiye kuyo intombi futhi ngiyitshele, “Ngi—ngi—ngingumfundisi. Ngi—ngikhulekela abagulayo. Unga—ungathanda ukuba mina ngikuhulekele na?” Futhi ngangingakaze ngibone noma yini efana naleyo. Kwase kuthi-ke, nakhu kufika ezinye ezimbili noma ezintathu, zingena. Ngathi ukuhlehlela emuva-ke ngase ngilinda.

<sup>77</sup> NoMfowethu Arganbright uyadlula, ngakho ngathi, “Mfowethu Arganbright?” Ngahle ukuba ulapha. Ngathi, “Yin’indaba ngalowo wesifazane na?” Niyabo?

Wayesethi, “Lowo, lowo ngupende.”

<sup>78</sup> Ngathi, “Awu, he, he!” Niyabo? Ngacabanga ukuthi bebefanele bayifake esibhedlela sabaguliswa yizinhlupho ndawondawo, niyazi, ukukuvimba kungacheleki phezu kwabo bonke abanye besifazane.

<sup>79</sup> Kodwa, niyazi, ufanele uhlele kahle, ubheke, ukhuleke, uma ukhetha. Ngokuba, siyabona, ngalokhu, iZwi lesithembiso. Yena, umlobokazi owesilisa ayomkhetha, uzobonisa isimilo sakhe. Kubonisa okuphakathi kuye.

<sup>80</sup> Manje, ungathini nje owesilisa, ogcwaliswe ngoMoya oNgewe, ethatha into enjengaleyo ibe wumfazi na? [Ibandla lithi, “Qhabo.”—Umhl.] A—a—angikuboni nje, mfowethu. Manje, mhlawumbe ngingomdala ongahlahlile ekhanda. Kodwa, niyazi, ngi—ngingekuqonde nje lokho, niyabo, qaphelani, ngokuba kuzobonisa ukuthi kukhonani phakathi kuye. Uzomsiza ukumenzela ikhaya lakhe lesikhathi esizayo.

<sup>81</sup> Manje, manje-ke, uma sishintsha sibuyela emuva manje isikhashana, ngasohlangothini lokomoya. Futhi uma nibona ibandla elisezweni, liziphathisa okwezwe, ligagamela ezweni, lihlanganyela okwezwe, lithatha iMiyalelo kaNkulunkulu sengathi Wayengakaze aYilobe, khona-ke ni—ningazibonela nje uKristu akazukumthatha uMlobokazi onjengalowo. Ungathini nje ethatha ibandla lesimodeni namhlanje libe nguMlobokazi? Hhayi iNkosi yami. Angi...Kul’khuni ukuthi ngingabona lokho. Qhabo. Khumbulani, manje, indoda nomkayo bamunye. Ubungazihlanganisa nomuntu onjalo na? Uma ubungazihlanganisa, ngempela bekuzothi ukukudumaza ukukholwa kwami kuwe.

<sup>82</sup> Futhi, manje-ke, kuthiwani ngoNkulunkulu ezihlanganisa Yena uqobo nento enjalo, isifebe sehlelo sanjalonjalo na? Ucabanga ukuthi Ubengakwenza, “Benesimo sokumesaba uNkulunkulu kepha amandla akho bewagwema”? Ubengeke

neze akwenze. Ufanele abe nesimilo saKhe kuye. Elangempela, iBandla leqiniso elizelwe ngokusha lifanele libe nesi—similo esasikuKristu, ngoba indoda nomfazi bamunye. Futhi uma uJesu enza lokho kuphela okwakuthokozisa uNkulunkulu, wagcina iZwi laKhe futhi wabonakalisa iZwi laKhe, uMlobokazi waKhe uzofanele abe ngowohlobo olufanayo lwesimilo. Wayengeke, nakancane, abe yihlelo. Ngoba, manje-ke, akunandaba ukuthi ufunu kangakanani ukuba uthi, “qhabo,” lilawulwa yibhodi ndawondawo, elilitshelayo ukuthi alenzeni nokuthi yini elingeke liyenze, futhi, izikhathi eziningi, amamayela ayizigidi ukuqhela eZwini leqiniso.

<sup>83</sup> Kubi kakhulu ukuthi size sasuka kuMholi wangempela uNkulunkulu asishiyela yena ukuba ahole iBandla. Akazange athumele amagosa esifundazwe. Akazange athumele ababhishobhi, okhadinali izikhulu zesonto, abapristi, ophapha. Wathumela uMoya oNgewelesenzela iBandla, ukuba ahole iBandla. “Nxa Yena uMoya oNgewelesefikile, Uyoniholela kulolonke iQiniso, embule lezizinto kini, eNginitshele zona, anikhumbuze zona, futhi anikhombise izinto ezayo.” UMoya oNgewelesawuzokwenza lokho. Manje, ibandla lesimodeni liyawuzonda Lowo. AbaWuthandi, ngakho angaba kanjani nguMlobokazi kaKristu na? Abantu banamhlanje ukhetha ihlelo lesimodeni. Elikwenzayo, kuphela libonisa ukuqonda kwabo okungaphusile ngeZwi.

<sup>84</sup> Angiqondile ukulimaza, kodwa ngiqonde ukukudedela kujule ngokwenele nize nizokwazi ukukubuka.

<sup>85</sup> Ngishadise eziningi izithandani, kodwa njalo kungikhumbuza ngoKristu noMlobokazi waKhe. Omunye wemishado engawushadisayo lapha, esikhathini esithize esedlule, kwa—kwakuyinto eggame ngempela empilweni yami. Sekube yiminyaka eminingana eyedlula, ngenkathi ngisengumfundisi osemncane nje.

<sup>86</sup> Umfowethu wayesebenza e—P.W.A. Angazi noma ngabe ubani usakukhumbula lokho, namanje, noma qha, noma ubani osemndala ngangami. Futhi lokho kwaku—kungumsebenzi ohlongoziwe uhulumeni ayenawo. Nomfowethu wayesebenza enhla, cishe amamayela angamashumi amathathu. Babegubha amachibikazi, umsebenzi ohlongzelwe ezokongiwa.

<sup>87</sup> Futhi kwakukhona umfana owayesebenza enhla lapho, naye, ovela eIndianapolis, cishe, o, cishe amamayela ayikhulu ngaphezu kweJeffersonville lapho e—engakhe khona, noma engangakhe khona. Futhi kwakukhona i... Wathi kumfowethu, ngeliny'ilanga. Wathi, “Doc,” wathi, “Ngi—ngifuna... ngizoganwa, uma ngingahle nje ngibe nemali eyenele ukukhokhela umshumayeli.” Wathi, “Ngi—nginemali eyenele ukuthola ilayisense yami, kodwa,” wathi, “Anginayo imali eyenele ukukhokhela umshumayeli.”

<sup>88</sup> UDoc wathi, “Awu, umfowethu ungumshumayeli, futhi—futhi a—angahle akushadise.” Wathi, “Akabakhokhisi neze abantu ngezinto ezinjengalokho.”

Wathi, “Ungamcela ukuthi angangishadisa na?”

<sup>89</sup> Awu, ngalobobusuku umfowethu wangicela. Ngathi, “Uma engakaze ashadiswe ngaphambili, noma yimuphi wabo, futhi yonke into yabo ikahe.” Wathi, “Awu, ya, ngizombuza.” Ngase ngithi, “Uma kunjalo, mtshele, ehle.”

<sup>90</sup> Ngakho, ngenkathi sekufika uMgqibelo nomfana wehla. Bekuyinto enku kimi, ukuba njalo ngibuke emuva phezu kwalokhu. Ngangi . . . Intambama eyayinemvula, nemoto endala eyiShevu, inamalambu amakhulu angaphambili aboshwe ngocingo ucingo lokubopha amabhele, eyenyuka, iphuma ngaphambili. Kwakuyisikhashana nje emva kokuba kade ngishonelwe ngumkami, futhi ngangiphahleka ngombhako, amakamelo amancane amabili. No—noDoc wayesenhlala pho nami, sibalindile.

<sup>91</sup> No—nomfana waphuma emotweni, futhi ngempela wayengabukeki efana nomyeni, kimi, noma wayengeke kunoma ubani, ngingagagela. Ya. Ngangingafake . . . thenga ipheya elihle ngempela lezicathulo, ngedola nohhafu. Futhi wayegqoke ipheya, elase ligxobekile. Nebhulukwe lakhe laliyisikhwama ngempela. Futhi wayefake elinye lalamajakethe amadala esikhumba sevukuzi. Angiboni ukuthi abanye benu bantu asebebadala ningakhumbula. Lalibukeka sengathi laledlule emshinini wokuwasha lingavovwangwa, futhi lalinemishwe, limpintshwe ngqi *kanje*, nekhona liphezulu.

<sup>92</sup> Nenenekazi e—elincane laphuma eceleni, linencane, o, enye yalezongubo encane enombala oyisikoshi.

<sup>93</sup> Angazi. Ngake ngenza iphutha ekubizeni lolohlobo lwezimpahla, ngesinye isikhathi. Igingham, ngokukholwa ukuthi ibizwa kanjalo. Futhi ngakho yayiyi . . . [bandla liyahleka—Umhl.] Ngakusho ngokungesikho futhi. Ngi—ngihlale ngikwenza njalo. Futhi ngathi . . .

<sup>94</sup> Laphuma emotweni, futhi benyuka ngezitebhisi. Futhi—futhi ngenkathi bengena, into encane ezihluphekelayo, li . . . ngiqagele, lona, cishe konke elalikugqokile kuphela nje kwakuyisiketi. Futhi lalingenazicathulo, cishe impela, elizifakile. Lalicele ulifti lisuka eIndianapolis, lehla. Lalinezinwele ezincane zilenga zehlile, ngemuva, zizinde, zithe ukwelukwa zehla ngemuva emhlane walo. Libukeka liselincane ngempela.

Ngase ngithi kulo, “Usumdala ngokwenele ukuba ushade na?”

<sup>95</sup> Lathi, “Yebo, mnumzane.” Lase lithi, “Nginemvume yami ebhaliwe evela kubaba wami nomama.” Lathi, “Ngize

ngayikhombisa i—inkantolo lapha, ukuze ngithole ilayisense yami.”<sup>96</sup>

<sup>96</sup> Ngathi, “Kulungile.” Ngathi, “Ngithanda ukukhuluma nawe kancanyana ngaphambi kokuba siwushadise lomshado.” Bahlala phansi. Umfana wayelokhu equalaza endlini; wayedingeka ukuthi agunde izinwele kabikabi. Futhi wayelokhu equalaza indlu. Wayengangilalele. Ngathi, “Ndodana, ngifuna ulalele engikushoyo.”

Wathi, “Yebo, mnumzane.”

Ngase ngithi, “Uyayithanda lentombazane na?”

Wathi, “Yebo, mnumzane. Ngiyayithanda.”

Ngathi, “Wena uyamthanda na?”

“Yebo, mnumzane. Ngiyamthanda.”

<sup>97</sup> Ngathi, “Manje, unayo indawo ozomthatha umyise kuyo emva kokuba senishadile na?”

Wathi, “Yebo, mnumzane.”

<sup>98</sup> Ngathi, “Kulungile. Manje,” ngathi, “Ngifuna ukukubuza okuthize. Ngiyaqonda, usebenza ngenhla lapha kuleP.W.A.”

Wayesethi, “Yebo, mnumzane.” Leyo icishe ibe amadola ayishumi nambili ngeviki.

Ngathi, “Ucabanga ukuthi ungakwazi ukuyiphilisa na?”

Wathi, “Ngiyokwenza konke engingakwenza.”

<sup>99</sup> Ngase ngithi, “Awu, lokho kulungile.” Ngase ngithi, “Manje, uma-ke ephuma e... Uma-ke elahlekelwa yilomsebenzi, dadewethu na? Uzokwenzenjani, uzobaleka ubuyele enhla ekhaya, kumama, ubaba na?”

Yathi, “Qhabo, mnumzane. Ngizohlala naye.”

<sup>100</sup> Ngase ngithi, “Uma-ke, mnumzane, uma unabantwana abathathu noma abane, ungenalutho ozobondla ngalo, futhi ungenamsebenzi. Uzokwenzenjani, umxoshe na?”

<sup>101</sup> Wathi, “Qhabo, mnumzane. Ngiyozabalaza ngiye phambili ngqo. Siyophumelela, ngeny’indlela.”

<sup>102</sup> Ngazizwa ngimncane. Futhi ngabona ukuthi wayeyithanda ngempela, futhi babethandana. Ngabashadisa.

<sup>103</sup> Ngase-ke ngimangala ukuthi ingabe uyithathe wayisa kuphi. Ezinsukwini ezimbalwa, ngabuza umfowethu, uDoc, kukuphi. Wathi, “Yehlela eNew Albany,” idolobha elincane ngezansi kwethu.

<sup>104</sup> Futhi ezansi emfuleni, lapho enganginethini libekwe khona, lapho engangiya khona nsuku zonke ngenkathi ngingisengumlungisi wolayini. Ngakho ngenkathi bonke abanye abafo, bonke bahlala bazungeze, baxoxe amahlaya nezinto, ngangingena etrakhini bese ngigijima ngehlele emfuleni ngifike

ngikhuleke ngaleso! . . . ? . . . Futhi ngifunde iBhayibheli lami, phansi komkhulu uphis i wethini lapho imikhando emidala yensimbi yayivamise ukuba khona. Kunenqwatshana yezinqola ezindala zikaloliwe ezibekwe ezansi lapho.

<sup>105</sup> Nalomfo wayehle waya lapho wayesethatha enye yalezozinqola zikaloliwe futhi wazisahela umnyango kuyo. Futhi wayethathe unyuziphepha namaqhulu.

<sup>106</sup> Bangaki owaziyo ukuthi yini iqhulu na? Abekho abaseKentucky lapha, ke. Kungukuthi, uthatha isiqephuh sekhadibhodi, bese ufaka isipikilana esicindezelwa ngesithupha kulo, isipikili esingenakhanda esincane. Bese-ke usiphushela e . . . Lelo yiqhulu.

<sup>107</sup> Ngakho, babekufake ndawo zonke. Futhi wayenyuke waya lapho emikhandweni yensimbi wayesezithathela ezinye izinto, wase enza isitebhisi, ukuba enyuke. Wayesethatha amabhokisi amadala, wase ezenzela itafula. Ngase ngicabanga, ngelinje ilanga, "Ngizokwehla bese ngibona ukuthi baphila kanjani."

<sup>108</sup> Cishe ezinyangeni eziyisithupha ngaphambi kwalokho, ngashadisa indodakazi kaE. V. Knight nendodana kaE. T. Slider. U E. V. Knight, omunye wamadoda acebe kunawo onke ekhona eMfuleni iOhio, futhi, o, uphethe izimboni ezinkulu yonke leyondawo, enza lezizindlu zamaprifeb, kanjalonjalo. No—noSlider, E. T. Slider, yinkampani yesihlabathi nenkwali, abantwana bosozigidi. Futhi ngangibashadisile.

<sup>109</sup> Ngase ngibuyela endaweni, ngase ngizejwayeza yona cishe amaviki amabili, futhi ngibuyela esitolwaneni esinompheme futhi ngiguqa ephilweni. Nabo bonke ubukhazikhazi nayo yonk'into engake ngedlula kuyo, cishe, kwakufanele ngedlule kukho, ukuze ngishadise lezozithandani! Futhi lapho ziphuma, ngani, zazi . . . Lezi ezinye izithandani ezincane zama lapho nje endlwaneni encane endala lapho esasinombhede omncane wokuphumulela emini nombhede ogoqwayo, kodwa bobabili bashadiswa ngomgubho ofanayo.

<sup>110</sup> Kwase kuthi-ke, ngoluny'usuku, ngacabanga ukuthi ngizoke ngehle futhi ngivakashele lezizithandani ezicebile. Zazingadinge-kusebenza, oyise babengosozigidi, babezakhele ikhaya elihle. Ngokukhuluma ngokusobala, loE. V. Knight, phezulu, lapha egqumeni, izibambo zakhe zesivalo zinesilinganiso segolide uqobo eliyishumi nane endlini yakhe enkulu yobukhos, ngakho ungazibonela ukuthi hlobo lumi lwekhaya abahlala kulo. Babengadinge-kusebenza. Babenemoto enhle iKhadilaki abaphiwa yona minyaka yonke. Futhi nje, abantwana kuperha, futhi nje babenayo yonke into ababeyifuna. Ngenkathi ngenyuka ngoluny'usuku . . .

<sup>111</sup> Manje, ukuthi ngejwayelana kanjani nabo, omunye wabangane babo wayengumngane wami omuhle. Sonke

sasiwuhlobo olungoshomi ndawonye. Futhi ngajwayelana kanjalo-ke, ngenkathi befuna ngibashadise.

<sup>112</sup> Ngakho ngenyuka ngiyobavakashela. Ngaphuma eFodweni yami endala, ngaphandle, ngase ngenyuka ngezitebhisi. Ngase—ngase ngenyuka, ngisondela kakhudlwanyana, ngase ngibezwa. Futhi babeqophisana ngempela. Babenomona ngomunye nomunye. Babekade besemdansweni. Yayiyintombazane ebukeka iyinhle ngempela. Futhi yayiwuhlobo lomunye walaba onobuhle. Yathatha eminingi imiklomelo konke kuleyondawo, futhi yawina izimoto nezinto, ngokuba ngunobuhle. Futhi ngababuka, nomunye wayehlezi ekhoneni elilodwa nomunye kwelinye, beqophisana ngomunye umfana owayekade edanse naye, noma enye intombazane, okuthize.

<sup>113</sup> Ngenkathi ngenyuka, bagxuma bama ngokukhulu ukushesha base bebambana ngqi kwiphansi lendlu, nezandla zabo—zabo, kwiphansi lendlu, bayeza beya ngasemnyango. Bathi, “Ngani, halo lapho, Mfowethu Branham! Uphila kanjani kodwa?”

Ngathi, “Kulungile. Niphila kanjani nina nonke?”

<sup>114</sup> Futhi, “O,” wathi, “Ngi—ngi... Sijabule kakhulu. Asijabule, s’tandwa na?”

Yase ithi, “Yebo, mntakwethu.” Niyabo?

<sup>115</sup> Manje, uyabo, ufaka into engesiyo eyiyo ngeqiniso. Manje, ungeke wothiswa ngumlilo opendiwe, njengamanye alamabandla ezama ukupenda iphentekoste, ngento eyenzeka eminyakeni eyinkulungwane eyedlula noma iminyaka eyizinkulungwane ezimbili eyedlula. Ungeke wothiswa ngumlilo opendiwe. IPhentekoste iseyiyo nje ngempela namhlanje njengoba yayinjalo ngaleyonkathi. Niyabo? Ya. UMIlico usehla. Akusiwo umlilo opendiwe. NguMIlico wangempela.

<sup>116</sup> Ngakho, bona, babelapho nje. Niyabo? Ngi—ngingeke ngafuna ukuphila kanjalo.

<sup>117</sup> “O,” ngacabanga, “uyazi, ezansi nje phezu kwedwala lapho nangale komfula, yilapho lapho lezi ezinye izithandani zazisisonge khona.” Ngacabanga, “Ngomunye uMgqibelo ntambama ngizothi nyelele ngehlele lapho bese ngibona ukuthi zaziphila kanjani.”

<sup>118</sup> Ngakho mina, ngingcolile ebusweni, ngigqoke neovaloli engcolile, ngiphethe amathuluzi ami. Ngacabanga, “Ngizothi nyelele ngenyukele kubo.” Ngathi nyelele kube sengathi bengibheka izivikela-ntambo zikagesi ngokuklaywa wumbani noma yinto ethize, futhi njengoba ngisahamba ngasentanjeni katelefoni, amakhebuli kagesi ngasemfuleni. Futhi nanso iShevu endala, yayihlezi phandle ngaphambili. Cishe emva konyaka, emva kokuba ngibashadisile. Futhi kwakukhona i—i... Umyangano wawuvuliwe, futhi ngangibeza bexoxa. Ngakho

lokhu kuzwakala njengomzenzisi, kodwa ngenyuka ngasondela ngokwenele ngaze ngakwazi ukulalela, ngikubone ababekusho. Ngama lapho. Futhi ngifuna ukwazi nje, ngesingami.

<sup>119</sup> Ngithanda ukuthola futhi ngiqiniseke ukuthi ngyiayi ukuthi ngikhuluma ngani. Yileyondlela engiyenzayo mayelana neZwi likaNkulunkulu. Ngabe LiyiQiniso, noma aLisilo iQiniso na? Ngabe Uzoligcina iZwi laKhe, noma Akaligcini iZwi laKhe na? Akaligcini iZwi laKhe, khona-ke Akasuye uNkulunkulu. Niyabo? Uyaligcina iZwi laKhe, UnguNkulunkulu. Niyabo?

<sup>120</sup> Futhi ngakho ngifuna ukubona ukuthi babeqhuba kanjani. Ngase ngithi nyelele eceleni, kalula ngempela. Ngayizwa ithi, “O, s’thandwa, bengifuna ukukuthengela leyo, kabi kabi.”

<sup>121</sup> Wathi, “Manje, buka, s’thandwa senhliziyo.” Wathi, “Lengubo ilungile.” Wathi, “Ngani, lena ikahle nje.” Wathi, “Ngiyayithokozela leyo. Kodwa uyabo...”

<sup>122</sup> Ngathi nyelele ngazungeza, ukuze ngilunguze phakathi ngomfantu, lapho umnyango wawushowwe wavuleka lapho enqoleni kaloliwe. Futhi wayelapho, ehlezi phakathi lapho, naye owesifazane ehlezi ethangeni lakhe; futhi emgaxe ngengalo, naye emgaxe ngengalo. Futhi owesilisa wayenesinye saleziziggoko ezindala eziyimihelane, futhi wayebike imbobbo encane, wasifocoza, okhakhayini, wayesehosha isheke lomholo wakhe, kuleso. Wa-wayeyendlala etafuleni. Wathi, “Engaka eyamagrosa. Engaka eyomshwalense. Nengaka emotweni.” Futhi babengenayo imali enele izindleko. Ngithola ukuthi, wayebone ingubo encane phezulu lapho efasiteleni, kwase kunamaviki athi awabe mabili eyibuka, eyayibiza idola nokuthize. Wayefuna ukuyithenga. Wathi, “Awu, s’thandwa, uyobukeka kahle kakhulu kuyo.” Wayesethi... .

<sup>123</sup> Wayesethi, “Kodwa, s’thandwa, ngi—nginayo ingubo. Ngempela a—angiyidangi.” Niyabo? Naleyondlovukazi encane... .

<sup>124</sup> Ngahlehla, ngase ngibheka phezulu. Ngangiwbona u—umbhoshongo esiqongweni senye indlu. Ngama lapho ngase ngibheka, imizuzu embalwa. Ngacabanga, “Ubani isicebi na?” Ngacabanga, “Uma, Bill Branham, uma ufunu ukuthatha yiphi yona indawo, ubungaya kuphi na?” Ngesingami, bengiyothatha hhayi leyonto ebukeka kahle enhla esiqongweni seqquma. Bengiyothatha lessimilo ezansi lapha, njengomakhi wekhaya wangempela, umuntu obengithanda ngempela futhi wahlala nami, umuntu ozame ukwakha ikhaya; futhi angakuqothuli ngayo yonke into, enzela ubukhazikhazi; nomuntu obenawe, ingxenyenye yakho.

<sup>125</sup> Lokho bekungima njalo, ukuthi lokho kwakukanjani. Omunye wakhetha intombazane enhle, omunye wakhetha isimilo. Manje, yileyondlela kuphela obungakhetha ngayo. Kuqala, bheka isimilo bese, kuthi-ke, uma uyithanda. Kuhle.

<sup>126</sup> Qaphelani, uAdamu wokuqala kaNkulunkulu wayengenakho ukuzikhethela, umkakhe. Akakutholanga ukukhetha. UNkulunkulu wamenzela nje oyedwa, futhi akakutholanga ukuthi amkhetha. Ngakho sithola ukuthi owesifazane wamdukisa eZwini likaNkulunkulu. Akatholanga ukuthi alukhulekele udaba. A—a—akafani nawe nami. Akakutholanga ukukhetha. Kanti futhi, ngokwenzenjalo, owesifazane wamhola wamsusa endaweni yakhe yangokomthetho eyindodana kaNkulunkulu. Futhi wakwenza ngokumkhombisa eningi indlela yesimodeni yokuphila, into ababengafanele ngempela ukuthi bayenze. Kodwa isimilo sakhe owesifazane sakhombisa ukuthi wayenephutha. Izisusa zakhe nezinjongo kalula nje zaziyiphutha. Futhi wamvumisa, ngokuzindla kwakhe, ukuthi ukukhanya okusha kwesimodeni ayekutholile, okwakuphambene neZwi likaNkulunkulu, kwakuyindlela engcono yokuphila.

<sup>127</sup> Futhi bangaki abesifazane namhlanje, nangapha nangapha, abesilisa, abebengadonsa owesifazane olungileyo bamsuse kuNkulunkulu, noma badonse owesilisa olungileyo bamsuse kuNkulunkulu, ngokuzama ukumtshela, “Lenkolo, nina bafana bePentecostal! Leyonkolo,” bathi, “o, Leyo yifeshini endala. Ngumuntu oyisidala. Ungakukholwa Lokho.” Kungcono ukhuleke kanzima ngaphambi kokuba ushade naleyontombazane. Angikhathali ukuthi ibukeka iyinhle kanjani. Into efanayo kowesilisa.

<sup>128</sup> Wamvumisa wamkhipha entandweni kaNkulunkulu futhi wambangela ukuthi enze into ayengafanele ayenze, futhi, ngayo, yabangela ukufa kuso sonke isintu. Yingakho iBhayibiheli limenqabela ukuba afundise, noma ashumayele, noma aphathe iZwi likaNkulunkulu, noma ngayiphi indlela.

<sup>129</sup> Ngiyazi, dadewethu, abaningi benu bathi, “INkosi yangibizela ukushumayela.”

<sup>130</sup> Angizukuphikisana nawe. Kodwa ngizokutshela, iZwi lithi anifanele nikwenze. “Akayikufundisa, noma abuse phezu kwanoma yiliphi igunya, kodwa ukuba athule.”

“Awu,” wena uthi, “iNkosi ingitshele ukuba ngikwenze.”

<sup>131</sup> Angikungabazi nakancane lokho. Nawuzwa uMlayezo wami ngobunye ubusuku ngoBalami na? UBalami wathola esokuqala, isinqumo sikaNkulunkulu esingunqamlajuqu, “Ungakwenzi.” Kodwa wayelokhu eqhubeka ehamba enzisa okwesiwula kwaze kwathi ekugcineni uNkulunkulu wamtshela ukuba ahambe akwenze.

<sup>132</sup> UNkulunkulu angahle akuvumele ukuba ushumayele. Angisho ukuthi Akakuvumelanga. Kodwa akuhambisan neZwi laKhe lasekuqaleni necebo. “Ngokuba uzofanele abe ngaphansi kokulalela, njengokuba usho njalo nomthetho.” Kuyiqiniso. Ngakho-ke, akafanele akwenze.

<sup>133</sup> Manje, qaphelani futhi ukuthi umlobokazi wemvelo umfanekisa kanjani okamoya. IZwi liyasho, ukuthi, “Wenzelwa indoda, futhi indoda ayenzelwanga yena.”

<sup>134</sup> Manje ngizokhuluma, nokuthi kungani, emizuzwini embalwa, ngoMlobokazi kaKristu, kodwa ngizama ukunikhombisa isendlalelo sakho.

<sup>135</sup> “Owesifazane wenzelwa indoda, futhi indoda ayenzelwanga owesifazane.” Yingalesosizathu, phansi kwemithetho emidala, ukuthi isithembu sasisemthethweni. Bukani uDavide ehlezi phansi lapho nabafazi abangamakhulu amahlanu, neBhayibheli lathi, “Wayengumuntu wenhliziyo kaNkulunkulu uqobo.” Enabafazi abangamakhulu amahlanu, noSolomoni enenkulungwane, kodwa akukho namunye walabo besifazane owayengaba nomunye umyenzi.

<sup>136</sup> Tholani iteyipu yami ethi *uMshado NeSahlukaniso*. Leyo, phezulu esiqongweni sentaba eTucson, lapha kungekudala, ngangiphezulu lapho ngikhuleka ngakho. Bakhiphia izikole, ukuba zibuke leyoNsika yoMlilo ishaya indingilizi entabenzi futhi ingene efoneleni, iya emuva naphambili, phansi naphezulu. Abantu khona ngapha uyakwazi, lapho futhi baYibona; futhi khona ngenkathi Engitshela iQiniso lalemibuzo yomshado nesahlukaniso. Uma kukhona uhlangothi olulodwa luya *ngapha*, nolunye luya *ngapho*, kufanele kubekhona iQiniso ndawondawo. Emva kwalezoziMpawu eziyisiKhombisa, Wakhombisa ukuthi laliyini iQiniso lakho.

<sup>137</sup> Qaphelani, manje, wayengaba nomyeni oyedwa kuphela, ngoba, “Owesifazane wenzelwa indoda, futhi indoda ayenzelwanga owesifazane.” Onke lawomakhulu amahlanu abesifazane kwakungumkaDavide nje, futhi kwakuyisifanekiso. Ngenkathi uKristu ese hlala esihlalweni sobuKhosi esikhathini seminyaka eyiNkulunkungwane, uMlobokazi waKhe akayikuba ngumuntu oyedwa, kodwa kuyoba amashumi ezinkulungwane, uMlobokazi, wonke ese buNyeni. NoDavide wayenabafazi abanangi, njengabantu ngamunye, kodwa kuphela bonke ndawonye kwakungumkakhe. NjengoMzimba wonke wamakholwa nguMlobokazi kaKristu, ngoba UNGUYe, owesifazane. WayeyiNdoda. Manje, senzelwa uKristu. UKristu akenzelwanga thina.

<sup>138</sup> Yilokho esizama ukukwenza namhlanje emabhukwini ethu okufundwa, ngukuzama ukwenza iZwi (elinguKristu) ukuba lifanelane nathi, esikhundleni sokuba kube yithina esizama ukuzenza sifanelane neZwi. Yilokho ukwehluka.

<sup>139</sup> Uma owesilisa ekhetha intombazane ethize emndenini, akafanele athembile ebuhleni, ngokuba ubuhle buyakhohlisa. Nobuhle, ubuhle besimodenzi bezwe, bungobukaDeveli.

“O,” ngiyamuzwa omunye esho khona lapho, “cophelela lapha, mshumayeli!”

<sup>140</sup> Ngiyasho ukuthi lezizinto kulomhlaba, okubizwa ngokuthi kuhle, kungokukaDeveli ngokoqobo. Ngizokufakazisa kini. Manje-ke, mayelana nalokhu ukuphawula, ake sihlole iZwi elingcwele likaNkulunkulu, ukuba sibone ukuthi liqinisisile yini noma qha. Futhi abanye benu besifazane ufunu ukubukeka kahle kakhulu! Niyabona ukuthi kuqhamukaphi. Ekuqaleni, sithola ukuthi uSathane wayemuhle kakhulu ngangokuthi waze wakhohlisa iziNgelosi. Futhi wayeyiNgelosi enhle ukwedluila zonke zazo. Kukhombisa ukuthi, bulele kuDeveli. IZaga zathi, uSolomoni wathi, “Ubuhle buyize.” Kunjalo. Isono sihle. Impela, sinjalo. Siyahehana.

<sup>141</sup> Ngifuna ukunibuza, futhi ngisho okuthize lapha kini. Ngifuna niqaphele, imizuzu embalwa. Kulo lonke uhlobo lwezilwane ezweni, izinyoni, izilwane, sithola ukuthi empilweni yezilwane, zonke ngaphandle komuntu, yiduna elibukekayo, futhi akusyo insikazi. Kungani lokho na? Bukani i... Bukani inyamazane empondo-zimagatsha, i—inyamazane enhle enkulu nezimpundo zayo, nesikazi elincane elingenazimpondo. Bukani i—isikhukhukazi, esincane, isikhukhukazi esimakhwifikhwif, neqhude elikhulu elihle elinezimpaphe. Bukani inyoni yeduna nenyoni yesikazi. Bukani iqhude ledada lasendle nesikazi. Niyabo? Futhi akukho nalunye uhlobo ezweni, olwensiwe, olungakhohlisa futhi luzehlise nje futhi lube phansi njengowesifazane.

<sup>142</sup> Manje, dade, ungasukumi bese uphuma. Linda nje size sizwe isiphetho saLokhu. Niyabo? Niyabo?

<sup>143</sup> Akukho lutho, akukho-nsikazi ngaphandle kowesifazane, ongaba nesimilo esibi. Nibiza injá nge “vamba,” nibiza ingulube nge “ngu—ngulube yesikazi,” kodwa, ngokwesimilo, zineziningi izimilo ezinhle kunohhafu wezingcweti zamabhayisikobho okhona phandle lapha. Zingebe yilutho olunye kodwa izimilo ezinhle.

<sup>144</sup> Nowesifazane kwaba nguye owashintshwa, ngenxa yempendukezeló. Kunjalo. Niyabona ukuthi ubuhle bumthatha bumyise kuphi na? Manje, yingakho ukuthi, namhlanje, sithola ukuthi abesifazane uyanda ngobuhle. Thatha uPearl O’Brien, senake nasibona isithombe sakhe? Ofanele ukuba ngubuhle obukhulu baseMelika. Akukho-mntwana wesikole kunoma yisiphi isikole obengeke abanaye o—ohlwini olungemuva. Benazi yini ukuthi kufanele kube ngaleyondlela na? Benazi yini ukuthi iBhayibheli likhuluma ngokuthi yileyondlela okuzoba yiyo na?

<sup>145</sup> Niyazi yini ukuthi ukuwa kwafika ngabesifazane ekuqaleni na? Nokuwa...Ukuphela kuzophetha ngendlela efanayo, abesifazane bengena egunyeni nokubusa phezu kwamadoda, kanjalonjalo. Niyazi umBhalo uyakusho lokho na? [Ibandla lithi, “Amen”—Umhl.] Niyazi, ngosuku agqoka ngalo izingubo zowesilisa, futhi aphungule izinwele zakhe, zonke lezozinto

ziphambene neZwi likaNkulunkulu. Futhi niyazi umele ibandla na? [“Yebo.”] Uma ubhekisia okwensiwa ngabesifazane, uzobona ukuthi ibandla lenzani. Kunjalo impela. Manje, manje, lokho kuqinisile nje njengoba iZwi likaNkulunkulu liqinisisile.

<sup>146</sup> Alikho elinye isikazi elenziwe elingazehlisa njengoba owesifazane engenza. Futhi nokho, ngalokho, enziwe i off- . . .

<sup>147</sup> Wayengekho kokudaliwego kwasekuqaleni. Konke okunye okungamasikazi kukokudaliwego kwasekuqaleni: izinyoni, iduna nesikazi; izilwane, iduna nesikazi. Kodwa, empilweni yomuntu, uNkulunkulu wenza owesilisa kuphela, futhi Wakhipha kuye. Nowesifazane ungumkhiqizo ovele kamuva kowesilisa, ngoba uNkulunkulu akayimisanga into enjengaleyo. Hlolani imiBhalo. Kunjalo impela. UNkulunkulu, qhabo, mnumzane, kokudaliwego kwaKhe kwasekuqaleni. Wakhishwa lapho.

<sup>148</sup> Kodwa uma engazibamba kahle, umvuzo omkhulu kangaka pho anawo kunowesilisa. Ubekwa enkundleni yokuvivinyela. Ngaye kufika ukufa. Unecala lakho konke ukufa. Kodwa-ke uNkulunkulu wase ejika esebezisa oyedwa ukuba aphinde abuyise ukuPhila; waletsha iNDodana yaKhe ngowesifazane, olalelayo. Kodwa omubi u—ungomubi ukwedlula konke okukhona; ayikho into engaba phansi njengaye.

<sup>149</sup> UKayini, indodana kaSathane, wacabanga ukuthi uNkulunkulu wabemukela ubuhle. Uyakwenza namhlanje. UKayini wayeyindodana kaSathane. “O, manje!” wena usho njalo. Asizukungena emininingwaneni kulokho, kodwa nje ake nginixazululele khona. IBhayibheli lasho ukuthi “wayengowalowo omubi.” Ngakho, lokho kuyakuxazulula. Kulungile. Manje, wayeyindodana kaSathane. Futhi wacabanga ukuthi, ukungenisa ialtare nokulenza libe lihle ngempela ekukhonzeni, yilokho uNkulunkulu ayezokuhloniphya.

<sup>150</sup> Bayocabanga, bacabanga into efanayo namhlanje. Impela. Lokhu, “Sakha isakhiwo esikhulu. Sizoba namahlelo amakhulu. Sizokwenza isakhiwo esikhulu kunazo zonke nabantu abagqoke kahle ukwedlula bonke, abafundisi basesontweni abaphucuke ukwedlula bonke.” Ngezinye izikhathi uNkulunkulu ughele ngamamayela ayizigidi eziyishumi kukho. Kunjalo. Nokho, yibandla.

<sup>151</sup> Ngakho, uma uNkulunkulu ehlonipha ukukhonza nje, ubuqotho, umhlatshelo, uKayini wayelunge nje njengoba wayenjalo nje uAbela. Kodwa kwakungesambulo, ukuthi waqonda ukuthi kwakungesiwo ama apula abazali bakhe abawadlayo.

<sup>152</sup> Ngizosho into ethize lapha engezwakali kahle kumfundisi, kodwa ngizoyisho, noma ikanjani. Ngiyabezwa laba abanye besho izinto, besho kanjalo amahlaya amancane. Angikuqondile. Ngasho lokhu, nokho, “Uma ukudla ama

apula kwabangela abesifazane ukuba baqonde ukuthi babehamba-ze, bekungangcono siwedlule ama apula futhi." Niyabo? Niyabo? Ehhe. Ngithetheleleni ngalokho, kodwa nje ukuze kuzoshintsha. Nginibophe ngqi lapha, futhi ngixoxa ngabesifazane, kanjalonjalo. Ngi—ngi—ngifuna ukuniphumuza umzuzu, ngalokho okulandela okuzoza. Manje, qaphelani, nina. Kwakungesiwo ama apula. Siyakwazi lokho.

<sup>153</sup> Ibandla selibe kulezizinsuku, ngenzozo yalo ngempumelelo, njengayo yonke enye inzozo ngempumelelo eyenziwe ngumuntu, sekuphenduka okwesayense. Bazama ukwenza ibandla lesayense, ngokuuhewa yizithombe nemibhoshongo emikhulu. Futhi kubi kakhulu ukuthi ama Pentecostal angene kulesosisele. Beniyoba ngcono ninesigujana itamborini, ezansi ekhoneni, noMoya kaNkulunkulu unizungezile. Kodwa nizama ukuqhathanisa kanye nabo bonke abanye, ngoba nihlelile. Kwenziwa yilokho-ke. Niyabo? Amabandla lizama ukuba ngokwesayense.

<sup>154</sup> Futhi khumbulani, njengoba umuntu ezuza ngempumelelo kwinqubekela phambili ngesayense, uzibulala yena nsuku zonke. Ngenkathi esungula iziqhumane, bukani ukuthi senzeni. Ngenkathi esungula imoto, ibulala kakhulu kunoma kwenza iziqhumane. Manje usezitholele ibhomu yehayidrojini umoya ongugesi. Ngiyamangala ukuthi uzokwenzani ngalokho na? Kunjalo.

<sup>155</sup> Futhi linjalo nebandla, njengoba lizama ukuphumelela ngenzozo ngesayense, ngeqhingga elenziwe ngumuntu, liniqhelia kude noNkulunkulu, futhi linifaka ekufeni, kakhulu kunoma kwakunjalo endaweni yokuqala. Kunjalo. Ungakhethi ibandla lakho ngendlela efanayo owenza ngayo kumkakho. Niyabo? Isayense eyamenzela khona kwakumangalisa, kodwa kungcono udede ebandleni lakho kulokho; owesilisa wenza opende, ophawuda, nazo zonke lezi ezinye izinto. Khethani ngesimilo seZwi laKhe.

<sup>156</sup> Manje asiqhathanise umlobokazi wemvelo wanamhlanje nalokho okubizwa ngomlobokazi webandla wanamhlanje. Siqhathanise owesifazane, ozoshada namhlanje.

<sup>157</sup> Manje, bukani nje ukuthi isayense imenzeleni. Uyaphuma, kuqala, nezinwele zakhe ezinqunyiwe, nokunye kwalokhu ukulungiswa kwezinwele kuka Jacqueline Kennedy, niyabo, noma into efana naleyo. Futhi niyazi ukuthi iBhayibheli lithini na? IBhayibheli eqinisweni linika indoda, uma ifuna, ilungelo lokumlahla ngesahlukaniso, uma enza lokho. "Ungowesifazane ohlazisayo, oyogunda izinwele zakhe." IBhayibheli lasho njalo. Kunjalo. Beningakwazi lokho? Hhe? O, ya! Ngishumayela kakhulu eCalifornia ukuba nina ningakwazi lokho. Kunjalo. O, ya! Kungisiza ngani mina na? Bayakwenza, noma kanjani.

Ungeke wathatha ingulube bese ushintsha igama layo, uyenze iwundlu. Qaphelani.

<sup>158</sup> Nizongizonda emva kwalokhu, kodwa nizolazi iQiniso. Niyabo?

<sup>159</sup> Bukani. Ake sikuqhathanise. Nangu enyuka nenqwaba yopende, into angesiyo, umlobokazi wesimanje. Geza ubuso bakhe, ubengambalekela, mhlawumbe. Ukwesabisa kuthi yifa, susa zonke lezozinto kuye. Futhi linjalo nebandla elinelikhulu, elinelipendwe ngaphambili, ophelele uMax Factor wesayense yezenkolo. Ehhe. Bobabili u—unobuhle, ubuso bamanga kubo, ubuhle obenziwe ngumuntu futhi kungesibo ubuhle obenziwe nguNkulunkulu. Akusiso isimilo esikhulu kangako kubo bobabili.

<sup>160</sup> Qaphelani, njengoSathane nje, wenele ukudukisa ngakho, qhathanisa umlobokazi wesimodeni manje naye: ugqoka izikhindi, ufaka opende, ugunda izinwele zakhe, ugqoka izingubo ezibukeka njengabesilisa, futhi ulalela umelusi owamtshela ukuthi lokho kwakulungile. Ungumdukisi. Uyohlupheka ngenxa yakho ezindaweni ezingaleya. Kunjalo. Enza lokho ukuba adukise, ukuba abe yinto angesiyo.

<sup>161</sup> Yileyondlela ibandla elenza ngayo, lithola abakhulu oDD., Ph.D., LL.D. Ngakho nithi, “Umelusi wethu uyilokhu, lokho, nokunye,” mhlawumbe engazi lutho ngoNkulunkulu kunoma iLawu lazi ngobusuku baseGibhithe. Lokho kunjalo. Kunjalo. Olunye ulwazi lwasekholiji lesayense yezenkolo phandle lapho, futhi akazi lutho ngoNkulunkulu kunalutho.

<sup>162</sup> Ibandla lesimodeni nopende wabo wesayense yezenkolo, banabesifazane babo bonke nenkazimulo yabo isigundiwe, ngenye intekenteke yabo nomelusi abanaye, njengoJezibeli uma ake aba khona. Izinwele eziphunguliwe, izikhindi, opende, konke kulungiswe ngokunambitha kwesayense yezenkolo, yileyondlela ibandla elimi ngayo. Kunjalo. Kodwa isimilo salo sokomoya sikude kunalokho kokuba ngumakhi wekhaya uJesu Kristu ezela ukumemukela.

<sup>163</sup> Uma noma yimuphi umKristu engaganwa ngowesifazane onjalo, kukhombisa ukuthi uwile emseni. Ukunambitha kwakhe uNkulunkulu nokunambitha kwakhe ikhaya, ukuthi ikhaya lifanele libe ngelinjani, kukude, uma ekhetha owesifazane onjalo. Qhabo, mnumzane. Ngempela angeke owesifazane afitha ekunambitheni komKristu. Isimilo sakhe sokomoya singukuhlehra okuphansi ukwedlula konke, ufile, ebuhleni behlelo nenkanuko yezwe.

<sup>164</sup> Yilapho impela ibandla elimi khona namhlanje, lithengise ngesimilo salo elisiphiwe yiZwi kuSathane, ngenxa yenkolo yesayense eyenziwe ngumuntu. Kanti, lalinelungelo, njengebandla likaNkulunkulu, ukuba lihlale neZwi likaNkulunkulu futhi libe noMoya oNgcwele usebenza

phakathi, ehlanganisa uMzimba ndawonye thaqa neZwi nothando lukaNkulunkulu. Esikhundleni salokho, lathengisa ngobuzibulo balo, njengoEsawu, futhi lathatha ihlelo, lalenzisa khona, noma yini elalifuna ukuyenza, kunjalo, ukuba nje libe ngelithandwa ngabantu njengoba kwenza unina eNayisiya eRoma. IZwi likaNkulunkulu!

<sup>165</sup> O, kungene kanjani endaweni yezinga lethu lamaPentecostal ethu! Kubi kakhulu, kodwa lakwenza.

<sup>166</sup> Qaphelani, umzuzu nje, isistela ebandleni eliKatolika. Lowo wesifazane, ukuba abe yisistela, bese ethatha leloveli lokugcina, uthengiswe kulelobandla ngokoqobo. Liyi (umphefumulo, umzimba, nomoya) mpahla yalelobandla. Alinawo umqondo walo uqobo. Ngeke laba nawo, uma lithatha leloveli lokugcina, alinamqondo ongowalo, alinantando yalo uqobo. Niyabona phandle lapha, ukuthi uSathane ubenza babengabakhe mbumbulu, njengabequiniso.

<sup>167</sup> IBandla likaKristu langequiniso, uMlobokazi, uthengiswe kakhulu kuYe neZwi laKhe elithenjiwi, kuze kuthi wona impela umqondo okuKristu ukini. Umehluko onje pho!

<sup>168</sup> Futhi siyathola namhlanje, ukuthi, ibandla lesimodeni, ibandla lezwe lesimodeni. Ibandla lezwe lesimodeni nanokuthi futhi iBandla lokomoya omabili akhuleliwi, ukuba azale amadodana.

<sup>169</sup> Enye yawo, ukuzala kwehlelo, izozalwa, ngosuku olulodwa kulezizinsuku, eMkhandlwini wamaBandla oMhlaba, azoveza ezweni umphikikristu, ngehlelo. Lelo yiQiniso impela. Ngingahle ngingaphili ukuba ngikubone. Ngikholwa ukuthi ngiyophila. Kodwa, ninabantu abasha, khumbulani ukuthi nezwa umfundisi esho lokho. Lokho kuyothi ekugcineni kuphethole khona. Nalolo wuphawu lwesilo, uma selibumba lowoMkhandlu wamaBandla oMhlaba. Futhi liyozala indodana yalo, umphikikristu.

<sup>170</sup> Elinye likhuleliswe yiZwi likaNkulunkulu futhi lizozala uMzimba, uMzimba kaJesu Kristu osuphelile, onguMlobokazi. UMzimba kaKristu awukapheli okwamanje. Bangaki okwaziyo lokho na? Owesilisa nowesifazane munye. NoKristu unguMzimba owodwa, iZwi. UMLobokazi uyofanele abe yikho konke okwalowoMzimba. Nababili, ndawonye, kwenza uMzimba owodwa futhi. Njengoba uAdamu wayenjalo ekuqaleni: indoda, umkayo, bamunye. Manje, Yena, uMlobokazi wequiniso, uthengiswe kakhulu kuYe, ukuthi Akasebenzisi umqondo ongowaKhe. Umqondo waKhe, kusobala, uyintando yaKhe, nentando yaKhe iyiZwi laKhe.

<sup>171</sup> Manje bukani kulokho okubizwa ngokuthi umlobokazi okhethwe ngumuntu, bese niqhathanisa owokomoya nowokwemvelo wanamhlanje, uJezibile wesimodeni wathakathwa nguAhabi wakhe, ubuhle bukaMax Factor,

yonk'into. Bukani ibandla, indlela efanayo, kodwa isifebe eZwini likaNkulunkulu ophilayo; amahlelo amakhulu, izakhiwo ezinkulu, imali enkulu, iholo elikhulu, konke kuthengisiwe. Amadoda emi epulpiti eshaya isigxivizo ukuthi lokho konke kulungile, futhi abavumele bazedlulele nakho. Inkohliso nje, yilokho kuphela. Ngeqiniso uNyaka weBandla laseLawodikeya ophuphuthekile, khona impela iBhayibheli elathi kuyoba yikho. "Lathi, 'Ngicebile. Ngihleli ngiyinkosikazi. Kangisweli lutho.' Kanti kawazi ukuthi ungompofu, owokuhawukelwa, ophuphuthekile, olusizi, ohamba-ze: kanti kawazi." Uma lowo kungesuye u ISHO KANJE INKOSI, iZambulo 3, angizange ngiKufunde. Yilokho eliyikho, kanti kalikwazi! Kucabangeni.

<sup>172</sup> Uma ubungatshela owesilisa noma owesifazane, emgwaqeni, obenqunu, futhi ubatshela ukuthi bebehamba-ze, futhi bathi, "Naka ezakho," ngani, kukhona ukungasi komqondo lapho ndawondawo. Kukhona okungahambanga kahle emqondweni wabo.

<sup>173</sup> Futhi uma ningahle nikwazi ukufunda iZwi likaNkulunkulu, ukuthi abantu bafanele benze kanjani, nalombhaphathizo kaMoya oNgewelesinawo namhlanje, futhi, abantu, ngani, bakubuka sengathi ubuhlanya. Ubatshela ukuthi, "Nifanele ni... Bafanele bazalwe ngokusha. Bafanele bakholwe iBhayibheli."

<sup>174</sup> Bathi, "Leyo kwakuyinganekwane yamaJuda, iminyaka eyadlula. Ibandla lethu linendlela." Abokuhawukelwa, abalusizi, abaphuphuthekile, abahamba-ze, kanti abakwazi ngisho. Enje pho... NeBhayibheli lathi leso yisimo abangena kuso.

Ubengake akwenze kanjani umprofethi weqiniso ukuba ake ageje ukukubona na? Angazi.

<sup>175</sup> Kushushumba kuyongena ngqo kuwo onke amabandla ethu, ndawozonke. Ake nikubheke nje, enkambisweni yesimodeni nje. "Isifebekazi esidala namadodakazi," eZambulo 17, bepha "abampofu, abaphuphuthekile, abokuhawukelwa" abantu izimfundiso zalo zesayense yezenkolo ephambene neZwi likaNkulunkulu. "Futhi bafumana kulo imiphefumulo yeziggila, nabesilisa nabesifazane ba—bandawo zonke." Esikhundleni sokuheha abantu...

<sup>176</sup> UKristu uyaliqinisekisa iZwi laKhe, eliheha abantu. Akahehi abantu emabandleni abahehwa ngamahlelo amakhulu nezenzko ezinkulu, nezinkulukazi eziqhubekeyo nezinto ezihlotshiswe zahlotshiswa. Kodwa iZwi likaNkulunkulu liheha uMlobokazi kaKristu.

<sup>177</sup> Manje qaphelani. Kuhlabu umxhwele uku—ukuqaphelisa ukuthi—ukuthi ibandla lizama kanjani ukuheha ukunaka kwabantu ngezingubo ezinde ezinhle namakhwaya agqokile, nabesifazane abanezinwele eziphunguliwe nobuso obupendiwe.

Futhi bacabanga ukuthi... Futhi licula njengeNgelosi. Iqambe amanga njengodeveli, behla benyuka bonke ubusuku beya kokufana nomdanso, abacabangi lutho ngakho. Futhi yilokho abakucabangayo, "Kulungile. Lokho kuhle." Kodwa, niyabo, lokho kwensiwe ngamanga. Lelo akusilo iZwi likaNkulunkulu.

<sup>178</sup> Ngenkathi, uMlobokazi weqiniso uheha ukunaka kukaNkulunkulu, ngokugcina iZwi laKhe. Manje qaphelani. Manje ake siqaphele uKristu.

<sup>179</sup> Wena uthi, "Awu, manje, awulinde umzuzu, uthini ngalobubuhle okhuluma ngabo na?"

<sup>180</sup> IBhayibheli lasho, kuIsaya 53:2, ukuthi, lapho uJesu efika, "Kwakungenabuhle baKhe, ukuba siMfise." Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Akukho-buhle. Ukuba Wayefike ngobuhle bezwe, njengoba uSathane enjalo namhlanje, abantu babeyogijima baMzungeze futhi baMvume ngendlela abenza ngayo ebandleni namhlanje. BabeyoMkholwa, baMemukele, njengoba benza kuSathane namhlanje. Impela, babeyokwenza. Kodwa Akafikanga ngalolohlobo lobuhle, kodwa Ufika njalo ngobuhle besimilo. Lapho, uKristu wayengesiyo enhle, enkulu, enamandla, iNdoda eqatha. UNkulunkulu akalukhethi lolohlobo.

<sup>181</sup> Ngiyakhumbula ngesinye isikhathi umprofethi wenyukela u—ukuthatha inkosi, ukuyokwenza inkosi ngendodana kaJese, ukuthatha indawo yenze inkosi, uSawulu. Futhi ngakho uJese wamkhipha, owakhe omkhulu, obanzi, umfana okahle. Wathi, "Umqhele uzobukeka kahle, ekhanda lakhe."

<sup>182</sup> Umprofethi wahamba ukuyothela amafutha phezu kwakhe. Wathi, "UNKulunkulu umalile." Futhi Wabala bonke, uze afike komncane, omahlombe madala aqhothile, umfo obukeka ebomvana. Futhi wathela amafutha phezu kwakhe, wayesethi, "UNKulunkulu ukhethe yena." Niyabo? Sikhetha ngokubona. UNkulunkulu ukhethe ngesimilo.

<sup>183</sup> Isimilo, sasingakaze sibekhona isimilo esinjengoJesu Kristu. Siphila kini futhi sibonakalisa Yena. Siyabona kuqinisisile. Akusibo ubuhle baKhe bezwe obuheha uMlobokazi waKhe. Yisimilo saKhe, isimilo seBandla, uJesu asifunayo; akusikho lapho okuyizakhiwo ezinkulu, lapho kungamahlelo amakhulu, lapho kungubulunga obukhulu. Wethembisa ukuhlangabezana nanoma yikuphi lapho khona abibili noma abathathu behlangene ndawonye. Ngokweqiniso. Yilapho ikholwa leqiniso liphumuza khona amathemba alo, liphezu kwaleloZwi likaNkulunkulu liqinisekiswa ngeQiniso, ukuthi liyini. Ukukhetha ngeZwi laKhe, hhayi iqembu elithanda izwe. Bayakuzonda lokho.

<sup>184</sup> Akumangalisi lehlukanisile naYe, ngoba ligeje isambulo saKhe, futhi alinaso. Akalinakekeli, indlela eliziphatha ngayo

nelenza ngayo, nokuthi kungakanani okwalezizinto zezwe elinakho.

<sup>185</sup> Ufuna isimilo salo, isimilo sikaKristu. Manje, umzuzwana nje manje. Yilokho-ke. Ukhetha uMlobokazi ukuba abonise isimilo saKhe, amabandla esimodeni anamhlanje ngempela ayalugeja uhlelo lwaKhe—lwaKhe lapha, amamayela aysisigidi, ngoba ayakuphika *Lokhu* ukuthi kuyiQiniso. Ngakho bekungaba kanjani na? Manje, Ubheke usuku ukuba lowoMlobokazi abunjwe, amaHeberu 13:8, impela nje njengoba kwaKunjalo, njengoba Wayenjalo. Kufanele kube yinyama yaKhe efanayo, amathambo afanayo, uMoya ofanayo, kufana yonke into, likhuliswe kanjalo nje nciamashi, nalabo bobabili baba munye-ke. Ibandla lize libe yilokho, abamunye. Isimilo saKhe, iZwi, lalonyaka, lifanele libunjwe. Lifanele libunjwe njengoba Enjalo.

<sup>186</sup> Manje, sengivala, ngifuna ukusho isizathu sokuthi ngisho lezizinto, futhi ngizo—ngizovala. Ngobunye ubusuku, cishe ngelesithathu nqo ekuseni, ngavuswa.

<sup>187</sup> Ngithatha noma yimuphi wenu ukuba aphendule lokhu. Sengake nganitshela noma yini eGameni leNkosi ngaphandle kwalokho okwakuqinisile na? Bekuhlala njalo kuqinisile. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngakho ngisize, uNkulunkulu uyazi ukuthi lokho kuqinisile. Akukho-muntu, akukho ndawo ezweni, ezintweni zeziyizinkulungwane okushiwoyo, Ake ageja elilodwa izwi lakho. Bekuhlala njalo kufezeka ngokupuheleleyo.

<sup>188</sup> Ngisho nalapho khona engangisePhoenix, ngoluny'usuku, noma cishe sekwedlule unyaka kwenzeka, futhi nganitshela ngalowoMlayezo ngokuthi—ngokuthi *Sikhathi Sini, Banumzane na?* Futhi nganitshela ukuthi, “IziNgelosi eziyisiKhombisa zazizohlangana phandle lapho,” futhi kube ngukuvulwa kwaleziziMpawu, nani. Futhi lapho i—iphephabuku *iLife* yayigcwele indatshana yakho, leliLangabi elikhulu lenyuka liyongena emoyeni, amamayela angamashumi amathathu ukuphakama, amamayela angamashumi amabili nesikhombisa ukuvundla. Bathi abakwazanga ukukubona ukuthi kwakuyini; abakakwazi namanje. Namadoda ehlezi khona lapha kulendlu kulobibusuku, wayemi khona lapho ekanye nami ngenkathi kwenzeka, ngayo impela indlela nje oKwasho ngayo. Wangitshela izinto okwakuzofezeka, futhi kwenzeka nje nciamashi. Ukuthi lwavulwa kanjani ngalunye lwalezoziMpawu, futhi washo izimfihlakalo ebezifihliwe kusukela phansi kuleyominyaka yabaguqli kanjalonjalo, ngokupuhelele nje.

<sup>189</sup> Ukuthi kanjani, ngimi phezulu esiqongweni segquma, amadoda, amathathu noma amane awo emi ekhona lapha manje, yebo, angaphezulu kwalokho. Ngenyuka eqgumeni, uMoya oNgcwele wathi, “Cosha lelodwala.” Sasizingela. Wathi, “Lijikijele phezulu emoyeni, bese uthi, ‘ISHO KANJE INKOSI.’”

Ngakwenza. Phansi ukusukela lapho kuvela ifonela encane yomoya. Ngathi, "Phakathi kwamahora angamashumi amabili nane, nizobona isandla sikaNkulunkulu." Amadoda ehlezi khona lapha ekhona manje.

<sup>190</sup> Ngosuku olulandelayo, cishe ngeleshumi nqo, ngimi lapho, ngathi, "Lungelani. Ngenani phansi kwemoto lapho," uma kade ebona. Ngathi, "Ikhona into ezokwenzeka." Kwakuyisibhakabhaka esicwathile, khona impela phezulu emgedeni omkhulu. Nakhu kwehla uMlilo ovunguzayo uvela eZulwini, Ukleklebulu nje ngamandla awo onke, washaya izindonga kanjalo. Nga—ngangimi phansi kwaWo ngqo. Ngethula isigqoko sami, ngabamba ikhanda lami. Ufika cishe emafidini amathathu noma amafidi amane ngaphezu kwami, futhi wakapuluta omkhulu umgodi othe nqo ngakulolodonga kanjalo, wase uqhuma. Wase ubuyela emuva phezulu emoyeni, wase uphinda uvunguza uzungeza futhi, wase wehla, kathathu, wawunqume ngisho neziqongo zezihlahla ezithela imidumba zaphuma, emayadini angamakhulu amabili. Niyabezwa labobafo bethi, "Amen"? Babelapho ngenkathi kwenzeka, niyabo, futhi kwenza ukuqhuma okuthathu.

<sup>191</sup> Ngenkathi sebephuma phansi kwezimoto nakho konke, base bebuya beza neno, ngathi, "Lokho bekuzonishaya, bekungeke kubekhona-ndawana enogrisi."

<sup>192</sup> Ngathi, "Beku—BekunguYe. Ubekhuluma nami." UNkulunkulu ukhuluma ngesivunguvungu. Niyabo? Futhi kwakukhona leyoNsika yoMlilo efanayo eniyibona esithombeni, imi lapho.

Futhi ngenkathi Yenyuka, bathi, "Kuyini na?"

Ngathi, "Ukwahlulela kushaya uGu lwaseNtshonalanga."

<sup>193</sup> Osukwini lwesibili kusukela lapho, iAlaska yacishe yacwila. Niyabo? Kwashaya kanye, lapho, ukugadla kokuqala.

<sup>194</sup> Lapho, ufanele wenze okuthize, ukukufanekisa. Njengomuntu owafaka usawoti ophisweni, wase eluphosa emanzini, wayesethi, "ISHO KANJE INKOSI, makube khona amanzi amnandi." Nomunye, uJesu wacaphuna amanzi wase ewathululela kujeke, wase—wase enza iwayini ngawo.

<sup>195</sup> Ufanele ube nokuthize, ukufanekisa. Yilokho lokho okwakuyikho, okwenyukela emoyeni kwase kwehla. Lokho kwaqala lesosivunguvungu esincane. Phakathi namahora angamashumi amabili-nane, Kwakuzamazamise leyontaba kwaze kwanquma unqenqema ngakuyo.

<sup>196</sup> UMfu. Mnu. Blair ehlezi lapha, ngimbuka ngqo manje, wayephezulu lapho futhi wacosha ezinye zezingcezu zakho, kanjalonjalo. Nangu uTerry Sothmann, bona, futhi bemi lapha, noBilly Paul. Nabafowethu, abanigi balaba abanye behlezi

phakathi lapha, owayekhona khona lapho ukukubona kwenzeka ngenkathi Kuyidwengula.

<sup>197</sup> Leyo akusiyo inganekwane. Lelo yiqiniso. Lokho kwakungekho emuva ngezinsuku zeBhayibheli. Lokho kumanje. Niyabo? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] LowoNkulunkulu ofanayo obelokhu njalo engikhombisa lezizinto, futhi zifezekile, impela ngakho konke. Azikaze zehluleke nakanye. Manje nqiqhoshha ngaYe.

<sup>198</sup> Emavikini ambalwa edlule, ngangisembonweni. Futhi ngangimi phezulu e—endaweni ephakemeyo, futhi ngangizobona lokho iBandla eliyoba yikho. Futhi ngaqaphela, kuza ngakolwami... Ngangimi kakhulu *kanje*, ngibheke eNTshonalandga. Futhi abeza *ngapha* kwakuyisigejane esithandekayo sabesifazane, begqoke kahle ngempela, izinwele ezinde zilungiswe kahle ngemuva, imikhono, neziketi zehle kahle. Futhi bonke babeseshunini yokumasha, njengokuthi, “Phambili, mabutho angamaKristu, nimasha sengathi niya empini, nesiphambano sikaJesu sihamba ngaphambili.” Futhi lapho bedlula, ngama, futhi kwakukhona Into ethize lapho, omunye uMoya, kwakunguNkulunkulu, futhi wathi, “Nango uMlobokazi.” Ngase ngibuka, nenhliziyo yami yayijabule. Futhi Wahamba wajikela *ngapha*, wayesdlula ejikela emva kwami.

<sup>199</sup> Emva kwesikhashana, ngenkathi ebuyela *ngapha*, Wathi, “Manje ibandla lesimodeni lizofika kulokhu eliyoba yikho.” Futhi nakhu kwenyuka ibandla lase Eshiya. Angikaze ngisibone isigejane esingcole kangaka.

<sup>200</sup> Nakhu kwenyuka amanye amabandla, ezizwe ezechlukene. Ayebukeka emabi ngokwesabekayo.

<sup>201</sup> Futhi ngi—ngisho lokhu ngoba ngibophezelekile ukukhuluma iqiniso, phambi kukaNkulunkulu. Futhi ngenkathi Ethi, “Nakhu kuza ibandla laseMelika manje, ukuba libonwe lokhu eliyoba yikho.” Uma ngake ngabona isigejane sodeveli, kwakuyiles. Labo besifazane babehhundule bahamba-ze, nento endala ebukeka impunga, njengombala wesikhumba sendlovu. Futhi babeyibambe ingaphambili kubo, kungekho-ngxenyen yakwesingenhla kuso nhlobo. Futhi babenza loluhlobo lwezinto, lokho, le—lemidanso lezizinganyana eziyenzayo phandle lapha, leyotwisti nezinto, nalolohlobo lomnyuziki luqhubecka. Futhi ngenkathi ngibone uNkosazana U.S.A. enyuka, ngacishe nqauleka.

<sup>202</sup> Manje, lokhu ngu ISHO KANJE INKOSI. Uma Ningikhola ukuthi ngyinceku yaKhe. Ngikholweni manje. Beningekusholo ize lokho ezweni. Ayikho imali eyenele kulo lonke izwe ukuba lingitholele ukuba ngikusho lokho uma bekungaqinisile.

<sup>203</sup> Futhi ngenkathi edlula, leyo kwakuyinto eyayibukeka iyimbi ukwedlula zonke engake ngazibona. Ngacabanga, “Nkulunkulu, njengokuqinisa kwabashumayeli nathi thina

bazalwane sizikhndlile ukuba siKutholele uMlobokazi, futhi lokho ngokuhle ukwedlula konke ebisingakwenza." Wayetwista, ebambe *lokhu* kuyingaphambili lakhe, njengesinye saleziziketi amahula ento, ekubambe kwingaphambili lezingxenyen zakhe, ingxenyen yakhe engezansi, *kanje*, edansa futhi etwista njengoba kwenza lezizinganyana phandle lapha ku... kulamabhayisikobho anenhlamba abanawo, betwista. Lowo kwakuyiNkosazana buKristu yaseMelika.

<sup>204</sup> Ngakho ngisize, ngosizo lukaNkulunkulu, kubukeka kanjalo-ke ebusweni baKhe. Ngi—ngivele nje...ngiqa...ngangingaquleka. Ngacabanga, "Konke ukuzama, nokushumayela, nokugqogqa na?" Bonke nezinwele eziphunguliwe, futhi babetwista futhi beqhubeka, bebambe *lokhu* ngaphambili. Beza ngapha, lapho engangimi khona lapho naloMuntu ongaphezu kwemvelo. Angikwazanga ukuMbona. NgangiMuzwa ekhuluma nami; wayengakimi ngqo. Kodwa ngenkathi bejikela *ngapha*, babamba *lokhu*. Futhi nje betwista futhi behleka futhi beya phambili, beqhubeka kanjalo, bebambe *lokhu* ngaphambili kubo.

<sup>205</sup> Manje, mina ngimi eBukhoneni baKhe lapho, nenceku yaKhe. "Nakukho konke engakuzama, yilokho engangikwazi ukukwenza okwedlula konke?" Ngacabanga, "Nkulunkulu, kungisize ngani na? Kusize ngani na? Konke ukukhala, nokunxusa, nokugqogqa, nezibonakaliso ezinkulu nezimanga nezimangaliso Owazikhombisayo. Nokuthi ngama kanjani lapho, futhi ngiya ekhaya futhi ngikhala emva kokushumayela kubo nezinto, futhi kungisize ngani na? Futhi manje-ke sengidingeka ukuthi ngethule into enjengaleyo yaKho, ibe nguMlobokazi na?"

<sup>206</sup> Futhi lapho ngimi lapho, ngibuka, wedlula. Futhi ungazibonela nawe ingxenyen yengemuva lakhe, engagqoke lutho, ebambe *lokhu* kwingaphambili lakhe lapho ehamba ezbinya, kanjalo, kuletwisti, ephosa izitho zakhe kanjalo. Futhi, yena, o, kwakuyinhlamba, ukuthi wayeqhubeka kanjani, umzimba wakhe uhamba unyakaza kanjalo. Manje ngi...

<sup>207</sup> Wena uthi, "Kuchaza ukuthini, Mfowethu Branham na?" Angazi. Nginitshela nje lokho engikubonile.

<sup>208</sup> Futhi lapho edlula kanjalo, ngambuka. O, ngavele ngaquleka ngempela nje. Ngavele ngajika nje. Ngacabanga, "Nkulunkulu, ngilahliwe. A—asikho isidingo kimi ngizama noma yini manje. Kungcono nje ngivele ngiyike."

<sup>209</sup> Nkk. Carl Williams, uma uhlezi lapha, nalelophupho ongitshele ngalo, esikhashaneni esedlule, owaba nalo ngobunye ubusuku, ebelikuhlupha, nanto. Isondo lesitelingi lisuswa esandleni sami.

<sup>210</sup> Manje-ke, ngacabanga nje, "Kungcono nje ngi—ngivele ngikukhohlwe." Ngase ngihambile.

<sup>211</sup> Kwase kuthi, khona manjalo, ngaKuzwa kubuya futhi. Futhi onyuka ngakulelicala kuza uMlobokazi ofanayo owayehambe wajikela *ngapha*. Nakhu kuza lawomanenekazi amancane futhi, futhi ngamunye awo egqoke isevatho sawo sesizwe avela kuso, njengeSwitzerland, iJalimane, kanjalonjalo, ngalinye ligqoke lolohlobo lwesevatho, onke enezinwele ezinde, efana nje nse nalelo ekuqaleni. Futhi nanka ayeza, ehamba. “Phambili, mabutho angamaKristu, nimasha sengathi niya empini.” Futhi ngenkathi onke edlula ngasesikhwelweni sokubuka lokho ayoba yikho lapho esasimi khona, kwathi nje khona manjalo, onke amehlo aya ngapho. Kwase kuthi-ke abheka emuva, ayesesuka ehamba, emasha.

<sup>212</sup> Futhi lapho nje eqala ukwenyukela ngqo engena ezibhakabhakeni, leli elinye lenyukela onqenqemeni lwegquma lase lehla, *kanjalo*.

<sup>213</sup> Lawa aqala ukumasha enyuka ngqo ayongena ezibhakabhakeni. Futhi ngenkathi eyomasha, ngaqaphela amantombazane amancane athi awabe mabili ngemuva, kwakubukeka sengathi ayengenye yentombazane yakwelinye izwe, njengeSwidini noma iSwitzerland, noma ndawondawo. Aqala ukuqalaza, futhi athola... Ngathi, “Ningakwenzi lokho! Ningaphumi kulesositebhu!” Futhi lapho ngidazuluka kanjalo, kwathi dwe kimi, embonweni, ngimi lapho nesandla sami siphume *kanjalo*. Ngacabanga, “Awu...”

<sup>214</sup> Yingalesosizathu ngisho lokho enginakho, kulobibusuku. Ngifuna ukunibuza umbuzo. Ngabe isikhathi sesedlule kunoma sicabanga na? Ngabe bese Livele libiziwe futhi lakhethwa, lanamekwa ngophawu na? Ngeke lisabakhona elinye elengeziwe, niyazi. Kungenzeka na? O, ya. O, ya.

<sup>215</sup> Niyakhumbula ukuthi ngathini, ngolunye usuku ekudleni kwasekuseni. Empoveni yokuzalisana kweduna nesikazi, kukhona izimbewana eziyisigidi okuphumayo, amaqanda ayisigidi okuphumayo. Kodwa lilodwa kuphela lawo eliphilayo, futhi, nokho, onke ayafana nje: elilodwa esigidini. Onke, iqanda elifanayo nohlobo olufanayo lwembewana. Enye yazo iyaphila. Zonke ezinye zife.

<sup>216</sup> Akekho ongasho ukuthi yilona liphi eliyiqanda elivuthiwe, futhi, o, kuthiwani-ke ngakho. NguNkulunkulu ozonquma lokho, ukuthi ngabe kuzoba umfana noma intombazane, owesifazane onobuso obukhanyayo noma owesifazane onezinwele ezinsundu, kumbe noma ngabe kuzoba yini. UNkulunkulu unquma lokho. Hhayi okokuqala okuhlanganayo, kodwa okokuqala uNkulunkulu anqumile. Mhlawumbe okukodwa kwenyukela *lapha*, nokukodwa... Uma nake naqaphela, eshubhini lokuhlola, ukukubona kuhlangana. Ngike ngakubukela. UNkulunkulu ozofanele anqume lokho. Okukodwa, konke, kuyafana nje, kodwa ngokhetho. Ukuzalwa

ngokwemvelo kungokhetho. UNkulunkulu uthatha oyedwa esigidini.

<sup>217</sup> Ngenkathi uIsrayeli esuka eGibhithe, besendleleni yabo ebheke ezweni elithenjisiwe, babecishe babe ngabantu abayizigidi ezimbili. Bonke babephansi kwewundlu elifanayo lomhlatshelo, kungenjalo babengeke baphile. Bonke balalela uMose, umprofethi. Bonke babhaphathizwa kuye, oLwandle oluBomvu. Bonke basina, abesifazane noMiriyamu, behla benyuka eceleni ko (ngenkathi) gu lolwandle, ngenkathi uNkulunkulu ehububhisa isitha. Bonke bama noMose, futhi bamuzwa ecula eMoyeni. Bona, bonke, badla imana evela ehlane, eyaqathaka ivela eZulwini. Imana entsha, njalo ebusuku, eyisifanekiso soMlayezo, bonke badla kuyo. Kodwa, ezigidini ezimbili, bangaki abaphumelelayo na? Bibili. Oyedwa esigidini.

<sup>218</sup> Kukhona cishe amaKristu ayizigidi ezingamakhulu amahlanu ezweni kulobubusuku, kubalwa amaKatolika nabobonke. Izigidi ezingamakhulu amahlanu okuthiwa amakholwa ezweni. Uma uHlwitho lufika kulobubusuku, lokho bekungachaza ukuthi...uma oyedwa esigidini ubebalwa. Angisho ukuthi kunjalo. Kodwa ukuba bekunjalo, abantu abangamakhulu amahlanu, emahoreni angamashumi amabili-nane alandelayo, bebezonyamalala. Beningke neze nizwe ngisho ngakho. Bekuyoba khona abanangi kangako abanyamalalayo, empeleni, abangeke babalwe ngisho.

<sup>219</sup> Manje-ke bekungahle, kwenzeke kithi, mngane, njengoba kwenza ngenkathi uJohane umBhaphathizi efika. Ngisho nabafundi bathi, "Yasholoni imiBhalo ukuthi, kungani a—abaphostoli noma abaprofethi besho, usho loni ukuthi uEliyase umelwe ukufika kuqala futhi abuyisele zonke izinto na?"

<sup>220</sup> Wathi, "Ngithi kini uEliyase usefikile vele, futhi anikwazanga."

<sup>221</sup> Ngolunye lwalezizinsuku besingashiywa sihlezi lapha, "Kuthiwani ngoHlwitho ngaphambi kokuba kungene inhlupheko na?"

"Seluvele Lufikile futhi anilwazanga."

<sup>222</sup> Wonke uMzimba, unamekwe ngophawu phakathi, nje luWugcina usesitebhini. Angisho ukuthi ungaleyondlela. Ngithemba ukuthi awungayo leyondlela. Kodwa, mngane, uma uvumela...

<sup>223</sup> Uma sinokuzizwela enhliziyweni yethu, kulobubusuku, ukuthi sifanele siqondise izimpilo zethu, nezinto esizenzile, ake ngineluleke, njengomfowenu ongumfundisi. Ngizosho lokhu okokuqala kimi, phezu kwepulpiti. Ngendaleke ngaqhube ka kulobubusuku, ngaLokhu, kunoma ngenzile kunoma yikuphi okunye, noma nini, empeleni, phambi kwabantu bonke, ngoba ngibe nenkululeko enkulu kulemihlangano. Uma ningikholwa ukuthi ngingumprefethi kaNkulunkulu, lalelani enginitshele

khona. Uma kukhona okukodwa ukukhenceza okuncane kokuziwela enhliziyweni yenu, yanini kuNkulunkulu khona manje. Kwenzeni.

<sup>224</sup> Yimani umzuzu nje, madoda. Bukani izivumokholo zenu—zenu enizikhonzayo. Bukani amabandla enu. Ngabe kuhambisana nje ncamashi neZwi likaNkulunkulu na? Ngabe nihlangabezane nazo zonke izidingakalo na? Uthi, “Ngiyindoda elungileyo.” Wayenjalo noNikodem, futhi babenjalo bonke abanye. Babe—babekahle. Niyabo? Lokho akuhlangene ngalutho naLo.

<sup>225</sup> Futhi, besifazane, ngifuna nibuke esibukwени, futhi nibuke ukuthi uNkulunkulu udinga owesifazane enzeni. Futhi nibone esibukwени sikaNkulunkulu, hhayi esibukwени sebandla lenu manje, esibukwени sikaNkulunkulu; futhi nibone ukuthi beningafaneleka yini, empilweni yenu, uMlobokazi wokomoya kaJesu Kristu.

<sup>226</sup> Befundisi, cabangani okufanayo. Ngabe nisika amakhona *lapha*, ukusindisa imizwa yomuny'umuntu ngaleyena na? Beningakwenza *lokhu* ukuba bekunga...futhi bayonikhiphä ebandleni na? Uma uzwa ngaleyondlela, mfowethu othandekayo, angikwexwayise, eGameni likaJesu Kristu, kubalekele lokho khona manje.

<sup>227</sup> Futhi, nenekazi, uma ungenakulinganisana nesidingakalo somKristu, hhayi njengozishaya umKristu; kodwa enhliziyweni yakho, nempilo yakho yensiwe iphethini ncamashi njengesitifiketi somshado sikaNkulunkulu lapha sithi kuzofanele kube njalo.

<sup>228</sup> Futhi, lunga lebandla, uma ibandla lakho lingenjalo, lingalinganisana nesidingakalo sikaNkulunkulu seZwi laKhe, phuma kulo bese ungena kuKristu.

<sup>229</sup> Leso yisexwayiso esiqinile. Asazi ukuthi sikhathi sini, futhi anazi ukuthi sikhathi sini, ukuthi lelidolobha ngoluny'usuku lizobe lendlaleke lapha ngaphansi ekugcineni kwalolulwandlekazi.

<sup>230</sup> “O, Kapernawume,” kwasho uJesu, “wena owaziphakamisela ezulwini, uyokwehliselwa esihogweni. Ngokuba, uma imisebenzi yamandla yayensiwe eSodoma naseGomora, ngabe likhona nakalokhu.” NeSodoma, iGomora lilele ngaphansi ekugcineni koLwandle oluFile. Futhi iKapernawume lingaphansi ekugcineni kolwandle.

<sup>231</sup> Wena dolobha, ozisho ukuba uyidolobha leziNgelosi, oziphakamisele ezulwini, futhi wathumela zonke ezingcolile, izinto ezingamanyala zezimfashini nezinto, kuze kuthi ngisho amazwe akwamanye amazwe eza lapha ukuzocaphuna amanyala ethu bese siwathumela, emabandleni enu amahle nemiboshongo, nokunjalonjalo, indlela enenza ngayo. Khumbulani, ngoluny'usuku niyobe nilele ngaphansi ekugcineni

kolwandle, umgede wenu omkhulu uphansi kwenu khona manje. Ulaka lukaNkulunkulu luyathunqa phansi kwenu ngqo. Kuyoze kube yisikhathi eside kangakanani Ebambe lesisihlabathi esinqwabelene ngaselwandle silenga ngaphandle phezu kwalokho na? Ngenkathi, lololwandlekazi phandle ngaleya, imayela ukujula, luyobihlikela phakathi lapho, luyothi ngqu lubuye le oLwandle iSalton. Kuyoba kubi ukwedlula usuku lokugcina lwePompeii. Phenduka, Los Angeles.

<sup>232</sup> Phendukani, nina nonke abanye, futhi niphendukele kuNkulunkulu. Ihora lolaka lwaKhe luphezu komhlaba. Balekani sisekhona isikhathi sokubaleka, futhi ningene kuKristu.

### Asikhuleke.

<sup>233</sup> Nkulunkulu othandekayo, uma, emoyeni wami, kukhona ukushukuma, inhliziyo yami iconsa amaconsi ezinyembezi zesexwayiso. Siphe khona, O Nkulunkulu, ukuthi abesilisa nabesifazane abazukukucabanga ngengikushilo njengehlaya, nabantu bebandla abazukucabanga ngakho njengento ethize ebingukukhetha noma emelene nabo. Kwangathi bangabona, Nkosi, kusothandweni.

<sup>234</sup> Wena uyangifikazela, Nkulunkulu uSomandla, ukuthi ngihambe ngehla ngenyuka kulolugu, unyaka nonyaka, ngimemezelia iZwi laKho. Ngifikazele, O Nkulunkulu, uma bekungenzeka kulobubusuku, ngikhulume iQiniso. Wena uyawazi lombono ngoMlobokazi uyiQiniso. Ngithathe iGama laKho ngawo, Nkosi, futhi ngathi ubungu ISHO KANJE INKOSI. Futhi ngiyezwa ukuthi ngiyazizwela, Nkosi, ngengikwenzayo.

<sup>235</sup> Ngakho ngikhuleka kuWe, Nkosi, eGameni likaJesu, abantu mabazithuntuthe bona, kulobubusuku, futhi babalekele ulaka oluzayo, ngokuba ilkabodi ibhalwe phezu kweminyango naphezu kwezizwe. Umaka wesheke omnyama urike wanquma kulo. UMoya kaNkulunkulu udunyazwe yikho wasuka kukho, futhi balinganisiwe ezilinganisweni futhi bafunyanwa belula. Idili leNkosi uNebukadinezari liphindile futhi, namaphathi okudakwa nabesifazane abagqoke uhhafu, bezibiza ngamaKristu.

<sup>236</sup> O Nkulunkulu waseZulwini, lihawukele izwe elinesono nabantu abanesono, Nkosi, njengoba siyibo kulobubusuku. Nkulunkulu, ngizama ukuma esikhali futhi ngicela isihawu sobuNkulunkulu, ukuthi Wena uzokhuluma phakathi kulesisixuku kulobubusuku futhi ubizele uMlobokazi waKho ekunakeni, Nkosi, ukuba angamashi ngesibonakaliso sanoma yisiphi isivumokholo, kodwa ngomsindo weVangeli leNkosi uJesu Kristu. Siphe khona, O Nkulunkulu. Makwazeke, kulobubusuku, ukuthi Wena unguNkulunkulu, neZwi laKho

liyiQiniso. Ngenkathi, ngokuqinile, ebusweni balababantu, sibabizela ekunakeni iZwi laKho.

<sup>237</sup> EGameni likaJesu Kristu, ngiyabakhulekela, Nkosi. BaKubonile, ngale kwanoma yiliphi ithunzi lokungabaza, uhamba udabula ezixukwini zabo futhi ubatshela okusenhliziyweni yabo. Futhi Wena uyazi, Nkosi, ukuthi, khona manje, kwenzekani. Wena uyakwazi lokho ukuthi kuyiQiniso, O Nkulunkulu. Futhi ngikhuleka kuWe, eGameni likaJesu, makuthi uMoya oNgcwele ukhulumele futhi, Nkosi, futhi udonse kulezizethameli, Nkosi, labo abalotshwe eNcwadini yokuPhila yeWundlu. Siphe khona, O Nkulunkulu. Ngikhuleka ngenhlizyo yami yonke.

<sup>238</sup> Lababantu, ngokwemvelo, Nkosi, bebezonginika upeni wokugcina abebenawo, ukwesekela uMlayezo. Bebengenza nomu yini abebengayenza. Kodwa, O Nkulunkulu, uma sekusa ekubambisaneni naWo, nokuza bangene kuWo, ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi lobu kuzoba ngubusuku Ozobavuza ngabo futhi uthulule uMoya waKho oNgcwele phezu kwalengqungquthela. Futhi kwangathi kungebekhona ukwesasa nomu ukugxumagxuma, kodwa ukukhala izinyembezi nokukhala, nokuphenduka, kubanjelelwé ezimpondweni zealtare, sisabona izahlulelo zigingqika phansi kwethu, kulobubusuku. Siphe khona, Nkulunkulu. Ngikhuleka nje ngobuqotho njengoba ngazi ukuthi kanjani, eGameni likaJesu Kristu.

<sup>239</sup> Mfowethu, dadewethu, a—angazi ukuthi yikuphi okunye futhi engingakusho, uma ngifumene umusa emehlwensi akho, ngamandla kaNkulunkulu, uma ungikhola ukuthi ngingumprefethi waKhe. Lokhu ngokokuqala phambi kwabantu bonke ngize ngikusho lokho. Kodwa ngizwa isexwayiso esiyisimanga solunye uhlolo oluthize. Angikuthandi lokhu. Niyazi angikuthandi. Angenzi kanje. Bengimanqikanqika ukukhuluma lowoMlayezo futhi ngisho lezozinto. Ngigijima nganhlanye nakho konke okunye, ukubalekela ukukwenza. Kodwa Kushiwo, futhi Kuzoma ngoSuku lokwaHlulela, njengobufakazi ukuthi ngikhulume iQiniso. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI UNKULUNKULU!...?

<sup>240</sup> O, Phentekoste, balekela ukuphila kwakho. Balekela ezimpondweni ze altare futhi umemeze, ngaphambili kokuba isikhathi sedlule kakhulu, ngokuba ihora liyofika lapho ungakhala khona futhi ngeke kusasiza. Ngokuba uEsawu afuna ukuthola indawo, yobuzibulo bakhe, futhi akayitholanga. Ngiyakunikela, o, California. O, ngqungquthela yoSomaBhizinisi beFull Gospel, engibathandayo, engibashiyile ngase ngixhumana nabo, ngenhlizyo yami yonke, nginginikela kuJesu Kristu, kulobubusuku. Balekelani kuYe! Ningamvumeli uDeveli ake aze anipholise kuLokhu. Hlalani naKho ngqo nize nithi, nonke, nigwaliswe ngoMoya oNgcwele, ngangokuthi,

lokho kuzonenza nize kuleliZwi, elizonenza nina besifazane niqondiswe, elizokwenza nina besilisa niqondiswe. Uma uthi unoMoya oNgcwele, futhi ungeke wabambisana neZwi, ngomunye umoya kuwe. UMoya kaNkulunkulu useZwini laKhe, elobuMesiya, iZwi eligcotshiwe. UMlobokazi ufanele abe ngokaMesiya, iZwi eligcotshiwe.

<sup>241</sup> Asime ngezinyawo zethu, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Uma ningeke nisaphinde nilizwe iphimbo lami... Kodwa, uNkulunkulu ethanda, nighlelela ukuya eAfrika, emahoren ambalwa. Ngingahle ngingaphinde ngibuye. Angazi. Kodwa ngiyanitshela, ngenhliziyo yami yonke, nginitshele iQiniso. Angigwemanga ukunitshela konke uNkulunkulu angitshele ukuba ngikusho. Futhi ngiKusho eGameni leNkosi.

<sup>242</sup> Kungumzuzwana onzima. Angazi ukuthi ngingakuzwakalisa kanjani. Ngizame ukusuka epulpiti kathathu noma kane, futhi angikwazi ukukwenza. Leli yihora elinzima. Ningalokothi nilikhohlwe. Lesi yisikhathi ukuthi, mhlawumbe, uNkulunkulu angahle ukuba wenza ubizo lwaKhe lokugcina. Angazi. Uzokwenza ubizo lwaKhe lokugcina, ngoluny'usuku. Nini na? Angazi. Kodwa ngiyanitshela, ngokwalowombono, kubukeka sengathi lowoMlobokazi usezothi akaqedelwe.

<sup>243</sup> Bukani amabandla ngegama nje engena. Ngenkathi intombi elele izofuna amaFutha, yehluleka ukuWathola. UMlobokazi wangena. UHLwitho lwenyuka. “Zisayothenga amaFutha, uMyeni uyafika.”

<sup>244</sup> Ulele na? Phaphama, ngokushesha, futhi kuse kuwe uqobo. Futhi asikhuleke, ngamunye, ngokungathi besifa ngalomzuzu, eGameni leNkosi. Asithi, ngamunye, ukhuleke ngendlela engeyakho.

<sup>245</sup> Nkulunkulu uSomandla, sihawukele phezu kwethu. Nkosi, ngihawukele. Sihawukele phezu kwethu sonke. Kusizani, akunandaba ukuthi senzani, uma sehluleka kulezizinto na? Ngimi futhi ngicela isihawu, O Nkulunkulu, ngaphambi kokuba lelidolobha elikhulu licwile ngaphansi kolwandle nezahlulelo zikaNkulunkulu zishanele lolugu. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzobiza uMlobokazi waKho. Ngibanikela kuWe manje, eGameni likaJesu Kristu. Amen.



*UKUKHETHWA KOMLOBOKAZI ZUL65-0429E*  
(The Choosing Of A Bride)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesine kusihlwa, ngo Apreli 29, ngo 1965, engqungquthele ni ye Full Gospel Business Men's Fellowship International eHotela laseBiltmore, eLos Angeles, eCalifornia, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelw a ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelw a futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2015 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziiselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)